# *Sikhombise UYihlo*

Ngiyabonga, Mfowethu Rich, bazalwane, iNkosi inibusise.

2 Sanibona kusihlwa, bangane. Lokhu ngikuthatha njengenhlanhla enkulu ukuba lapha kulentambama enkonzweni yeNkosi uNkulunkulu. Futhi lezizinsuku ezintathu zisho lukhulu kimi ukuba ngize ngihlangane nabangane abadala futhi ngithole abasha. Yileyondlela ukuphila okuqhubeka ngayo kithi, ngukuhlangana nje nabasha futhi—futhi sijabulela ubungane babangane abadala.

3 Bese kuthi-ke, phansi kwedlule eGrande Prairie naphezulu futhi lapha, Ngithole inhlonipho yokuzithoba yangempela phakathi kwabantu nokulindela imvuselelo. Yilokho okudingayo, yimvuselelo yangempela yokomoya, ukuthululwa kukaMoya oNgcwele phezu kwabantu.

4 Futhi-ke ngifanele ngihlangane nabanye babangane bami abadala, uChris Berg, ulapha ndawondawo, futhi, noma ngokwejwayelekile unjalo, futhi bengilindele ukuhlangana noMilo, yebo, Mfowethu Durney, ngiyajabula ukukubona uhlezi phakathi lapha, ukahle kakhulu.

UMnu. Durney wayengumphelekezeli wami ngesikhathi sokugcina, ngenkathi siqhubeka, sizingela. Abangane bami lapha bayakhumbula izikhathi eziningi sikhuluma ngakho.

5 Ngiyezwa ukuthi ube nokuvinjezelwa okuncane kokugula kusukela ngaleyonkathi. Awu, iNkosi ebengikhuluma ngayo lapho, isalokhu inguNkulunkulu ofanayo, uMphulukisi omkhulu. Unjani uDella? Uyaphila kahle na? Lokho kuhle.

6 UMnu. Durney ngempela wayewucezu oluncane lwensimbi, ngiyakutshela. Ngenkathi cishe eneminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala, ngiyacabanga, ngenkathi ngisenhla lapha, futhi ngempela waye. . . Ngamangala ukubona amandla angempela ku—kuleyondoda kulowonyaka, yena, nomaphi lapho uChris nami sasingaya khona, wayekhona lapho phambi kwethu. Futhi ngiye. . .

7 Umuntu angeke aphile phandle endaweni enjengaleyo ngaphandle kokwazi uNkulunkulu. Ngakho angikwazanga ukuma, ngibuke phezulu ezintabeni ngaphandle kokubona ubuso bukaNkulunkulu ndawondawo. Futhi bengihlale ngikhulekela umngani wami uChris, uMnu. Durney, nabo.

8 Ngolunye usuku, lapho ukuphila sekuphelile konke, ngasemikhondweni yezinyamazane phezulu Lapho ehlathini elingapheli, ngithemba ukuhlangana nani bazalwane phezulu Lapho, sivuselele ubungani bethu. Nizongithola emikhondweni yezinyamazane enhla lapho, ngizobe ngiqalaza, ngiyohlangana

nani nonke, abangani bami abazingelayo nabangane abangabacuphi, phezulu Lapho ngolunye usuku, kuze kube yileyonkathi, sifuna ukuhlala emahhanisini ngeNkosi yethu.

9 Ngangisendleleni yami ngihamba, ngangineholide elincane ngiza, osekuyizinyanga eziyisithupha ngisensimini, futhi ku, impela kungikhandlile, futhi ngacabanga ukuthi ngizothatha iholide elincane futhi ngenyukele enyakatho, lapha, futhi ngibone ukuthi ngingabamba yini omunye walabo bazalwane abampunga enanikhuluma ngabo, futhi mhlawumbe ngibone ibhere ngasemgwaqeni.

10 Ngakho ngagibela ngenyuka, futhi banamalungiselelo enziwe nomelusi wenu. Futhi iNkosi ithanda, kulentambama noma kusesekuseni ekuseni, okukodwa, siyahamba izinsuku ezimbalwa zokuphumula phandle ehlane, sizame ukubuyela futhi ensimini yeNkosi.

11 Ngacabanga ukuthi kwakungeke kube kuhle, nakuba ngikhathele futhi ngikhandlekile kusukela ezinyangeni eziyisithupha zilandelana emasimini, nomsebenzi wami ungowamazwe ngamazwe, njengoba nazi, umhlaba wonke, futhi ngicabange ukuthi kungaba kuhle uma ngidlula futhi ngivakashele abangane bami lapha eDawson Creek naseGrande Prairie. Futhi ngifuna ukubonga iNkosi ngenhlanganyelo enkulu kangaka esibe nayo ndawonye nabelusi namadoda abanokukholwa okuyigugu okufanayo, nganhliziyonye, futhi nonke nithanda iNkosi, nabaningi benu bantu.

12 UBilly ubengitshela ngenkathi ngingena, ukuthi bamnika umnikelo wothando kulentambama. Ngikholwa ukuthi lokho bekuqinisile. Impela bengingafuni ukuba nenze lokho, mfowethu, dadewethu, angikaze. . . Ngiza nje ukuzovakasha nani, futhi ngiyakuthakasela nokho.

13 Futhi ngesinye isikhathi, ngangicabanga ngolunye usuku, banginika owodwa, uma abanye benu bantu baseGrande Prairie nilapha, Ngangingazi ngisho nokuthi kwenziwa kwaze kwathi uMnu. Sothmann wangitshela endleleni eya ekhaya, futhi angibanga nalo ngisho nethuba lo—lokubonga abantu abayigugu.

14 Awu, ngokwazi kwami okwedlula konke, eMbusweni kaNkulunkulu kuzohamba, ngakho konke engikwaziyo ukuthi kanjani. Ngiyabonga ngomusa omkhulu. Futhi ngikholwa ukuthi kulotshiwe eBhayibhelini, uJesu wathi, “Enikwenzile kwabancinyane balaba abancinyane baMi, nikwenzile kiMi.” Ngiyilowo, omncane.

15 Ngineminyaka engamashumi amahlanu-nambili ubudala, kade ngishumayela iminyaka engamashumi amathathu, angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, angikaze ngithathe ngisho indibilishi empilweni yami, ngithathe umnikelo. Ngangihlala njalo ngisebenza, ngiziphilisa, futhi

lapho ngivela ngalendlela, ngani, angikaze...ngingene emadolobheni nje, futhi bakhokha izindleko zomhlangano, ngiqonde amahholo amakhulu kakhulu, lapho ofanele uthole inkulungwane, ezimbili, amadola ngobusuku, ngani, bayakunakekela nje, futhi angidingi ukuba nakho.

16 Futhi njalo lapho Enginika noma yini, ngani, kukhona njalo indawo yokuyibeka, ngakho niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini ngakho. Kuyi...Ngithanda ukuphila ngokukholwa. Yilokho esifanele sikwenze, siphile ngokukholwa.

17 Ngibona amaduku amabili ebekwe lapha emsamo, noma, ipulpiti, ukuba akhulekelwe. Manje, leyo akusiyo inkoleloze, lowo ngumBhalo, lelo yiBhayibheli. Abaningi benu, mhlawumbe, bangafuna indwangu yomkhuleko; leyo ngenye yezinkonzo ezinkulu kunazo zonke enginazo manje.

18 Lapha esikhathini esithize esedlule, ngangi...ngamangala, ngangi...Inenekazi eJalimane...Ngithumela izinkulungwane zalezo emhlabeni jikelele. Nenenekazi eJalimane lalikade linesifo samathambo cishe iminyaka engamashumi amabili noma amashumi amabili-nanhlanu, futhi—futhi ngiphuthelwe ukulibamba eJalimane, saba nabaningi kakhulu, izinkulungwane nje eziphindwe kazinkulungwane zatheleka zivela ndawo zonke, enhla eChekoslovakia nakuyo yonke indawo. Ngakho ba...Phesheya kwezilwandle akufani njengoba kunjalo lapha, lapho a—amadolobha a...izwe lincane nabantu abaningi, nomhlangano onjalo nje ubaheha ndawo zonke.

19 Futhi ngakho kwakukhona owesifazane omncane oyiJalimane, wathola imiyalo endwangini encane yomkhuleko, futhi u...Kuyasho lapho ukubiza abangane bakho noma umelusi wakho, uma ungakwazi, uma kungenjalo, omunye womakhelwane, vuma onke amaphutha akho futhi ucele uNkulunkulu ukuba akuphulukise, futhi akubeke phezu kwakho bese-ke ukholwa.

20 Nowesifazane omncane oyiJalimane, kwakumangalisa, wabeka i—i...kuyona engutsheni yakhe yangaphansi, njengoba kwakuyaliwe, wayenomakhelwane bangene futhi bakhuleke. Wavuma onke amaphutha akhe, futhi lapho esekubeke lapho, wabeka isandla sakhe phezu kwenhliziyo yakhe, wathi, “Manje, khehla elingudeveli, phuma kimi.” Futhi wakhuphuka ngqo, wahamba ehamba enqamula kwiphansi, emva kokuba kulesosihlalo esinamasondo iminyaka enga*mashumi amabili-nethize*. Kulula kanjalo nje.

21 Niyazi, kunezikhathi eziningi esizama ngazo ukufinyelela entweni ethize, ngohlobo oluthize lokukholwa. Futhi awudingi ukuba nohlobo oluthile lokukholwa okukhulu ukuba—ukuba uphulukiswe, into kuphela ofanele ube nayo ngukuthatha nje ukukholwa onakho.

22 Niyazi, eBhayibhelini igazi labhecwa eminyango ngehisopi; abafowethu abangabefundisi basesontweni bayakwazi lokho. Ihisopi nje wukhula olujwayelekile, futhi okuyikho, abantu namhlanje bazama ukufinyelela ukuba bathole imbali engenampande ukuba babhece iGazi ngayo, futhi aLibhecwa ngisho nangembali engenampande, Libhecwa ngehisopi, elivamile, ukukholwa kwansuku zonke nje.

23 Njengokuthi nje: awudingi ukuba ube nokukholwa okukhulu, ufike kanjani lapha na? Wazi kanjani ukuthi uzohamba na? Ungayishayela kanjani imoto yakho na? Wazi kanjani ukuthi ungasinyakazisa isandla sakho na? Awu, ukwenza nje ngokuzwa kancane, ngoba uyakholwa ukuthi ungakwenza.

24 Manje, yileyondlela okholwa ngayo ngokuphulukiswa kwakho, kuxazululiwe nje futhi yilokho kuphela. Akuthathi imfundo ethize ephakeme, enye *into ethize* eyisimangaliso, kuthatha nje ukukholwa okwejwayelekile kuNkulunkulu. Kukholwe nje njengoba ubungenza uma umama wakho ubeyothi uyokutholela okuthile, kukholwe nje kanjalo.

25 Bathatha igazi. . .Ihisopi, ngokwejwayelekile balithola likhula emifantwini yezindonga eGibhithe nasePalastine, babenezindonga zezitini zodaka, ne—nehisopi lalikhula phezulu lapho, lingelincane, iqabunga elinamakhona amathathu, futhi bavele balidonse *kanjalo*, balicwilise egazini, bese belibheca emnyango.

26 Awu, iGazi, kusobala, libhecwa, siLibheca ngokukholwa. Nokukholwa kujwayelekile, njengehisopi nje, ukhula olujwayelekile nje, kukholwe nje futhi sekuphelile.

27 Manje, uma noma ubani kini engafisa ukuba nendwangu encane yomkhuleko futhi ningenayo phezulu lapha, uma nje nizongibhalela noma nini, ngizojabula ukunithumelela yona. Nje: William Branham, Jeffersonville, Indiana, futhi kuzoza kimi.

28 Futhi uma ufuna eyodwa ukuba nje uyigcine eBhayibhelini lakho eZenzweni 19, kwenzeka into ethize, ngani, thumela nje. Akukho zindleko zalutho, nje, asikhokhisi lutho, yonke into imahhala. Ngakho thumela nje futhi uyithole, sizojabula ukuyithumela kuwe, sijabule kakhulu. Futhi yindwangu encane engiyikhulekele futhi ngacela uNkulunkulu ukuba aniphulukise futhi anisize.

29 O, bengingachitha intambama nje ngixoxa izinto ezivelele Azenzile ngalokho, izinto ezinamandla, kodwa siyazi ukuthi abantu bazofanele babe nesakhiwo sabo lapha kulobubusuku. Futhi asifuni ukunihlalisa isikhathi eside kakhulu, futhi kuthi ukumpintsha kancane esakhiweni, futhi nigcwele kahle impela.

30 Futhi ngakho manje, sifuna ukubonga futhi abazalwane bethu abakhonzisayo, ngayo yonke inhliziyo yethu, kini nonke

bantu abangafundele lutho, nangobambiswano lwenu oluhle. Futhi ngifuna ukubonga i—idolobha, iphoyisa kanjalonjalo.

31 Ngizofanele ngisho lokhu ngomngane wami waseningizimu lapha, uMnu. Evans, bengifanele ngimenyuse futhi akhulume kancanyana, ukuze nizwe lapho. . . ukuthi abaseningizimu bakhuluma kanjani ngempela. Nicabanga ukuthi ngikusho kabi! Wena. . .

Engena egaraji likaphethroli, wathi, "Ungangitshela ukuthi likuphi i*hhotela labahamba ngezimoto* na?"

LeloNgisi lambheka ngokuxakile ngempela, lathi, "Yebo, ngina*mathayi amadala* ngapha." Amathayi amadala.

Wehla wayesethi, "Ngifuna u-*ayisikhilimu*."

Indoda yathi, "Impela." Yelula isandla yase imtholela ibhokisi le-*aspirini* futhi yamnika. Ngakho sibonga kakhulu.

32 Wathi ngolunye usuku. . . Ngangimi esitolo sezemidlalo ngapha, umnumzane ohloniphekile okahle kakhulu ekhuluma naye, futhi sasibuka izindebe zabo. Ngangizama ukutshela uMfowethu Evans ngokuthi lezozinyamazane ezinezimpondo ezimagatsha yayinkulu kangakanani kunonogwaja bakhe ezansi eGeorgia.

Ngakho-ke sasibuka izindebe ezinkulu zilenga lapho, futhi ngakho wathi, "Omunye uthola ithikithi."

Ngakho kwakunguMnu. Evans, ngakho wagijima waphuma wayesethi, "Awume kancane nje, Mfowethu, ngi. . . "

Wathi, "Ungakhathazeki, ungakhathazeki." Wathi, "Ngikunika ithikithi nje, 'Siyakwamukela futhi eDawson,'" ithikithi lokuhlonipha.

33 Futhi uyangena nenkulumo yakhe yaseningizimu, wayesethi, "Mfowethu Branham," wathi, "Bengifisa ngempela sengathi bengingathatha enye yalezo ezansi eGeorgia ibe yimbewu." Abanabo ubungani ngempela lapho weqa umugqa ezansi lapha.

34 Ngakho-ke ninezwe elimangalisayo lapha, abantu abamangalisayo. Ninelinye lamazwe anengqondo kakhulu kunawo onke, futhi uma iNkosi uJesu ilibala, eminyakeni engamashumi amahlanu kusukela manje lesisizwe sizohola umhlaba. Ninengcebo yemvelo, amagquma enu—enu agcwele igolide nesiliva, ninensimbi, izimbiwa, ipotashi, ikhalsiyamu, zonke izinhlobo zengcebo yemvelo, ukhuni, kodwa aninabo abantu abaningi.

35 IDolobha laseNew York linabantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha ngaphezulu, esifundazweni saseNew York, kunalapho ekhona kuyo yonke iDominion yaseCanada, niyabo, yonke iDominion egcwele yaseCanada, abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi

ayisishiyagalolunye nesithupha ngaphezulu. Niyabo, ninenqwaba yendawo.

36 NeCanada ingeyokuqala neyesithathu i ti-. . . , noma, okubili kokuthathu okukhulu kune—kune-United States. Ninengcebo yemvelo, kodwa nje aninabo abantu, ngakho bongani iNkosi ngalokho.

37 Niyabo, usalokhu . . . Uma ngithengisa ukolo futhi ngikushintshanisa kini ngerayisi, kodwa lapho ngiphelelwa ukolo, sizokwenzenjani na? Ina- . . . iMibuso yethu iphelelwe ingcebo yemvelo; ninakho, ngakho uNkulunkulu anibusise ngakho.

38 Ninohulumeni omuhle, onengqondo, futhi—futhi si . . . amabhange enu onke aphethwe nguhulumeni, futhi ngakhoke akukho kushayisana kweWall Street lapha. Nabantwana benu abancane unethuba elikhulu, ninokuningi eningabanikeza khona, ngaphezu kokuba besingenza kunoma iyiphi enye indawo emhlabeni njengoba ngazi ngakho.

39 Bangane bami, angikho lapha ukuba nginitshele lokho, niyakwazi lokho, kodwa ngilapha ukuzonitshela into eningayinikeza abantwana benu noma yikuphi, leyo yiNkosi uJesu Kristu, UyiNto esemqoka, ngoba ngolunye lwalezizinsuku, kakhulu njengoba lesisizwe esincane sinjalo, siyowa nje impela njenganoma yini, sifanele, ukuba ninikele ePhakadeni. Kodwa nikani abantwana benu uKristu, UyiThemba, iThemba eliqinile kuphela esinalo. UNkulunkulu abe nani njalo manje.

40 Njengoba sikhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini, ngiyalikholwa iZwi ngayo yonke inhliziyo yami, ngiyakholwa ukuthi LiyiZwi likaNkulunkulu, ngakho asisondele kuMqambi ngaphambi kokuba sicele izibusiso zaKhe phezu kwethu.

41 Nkulunkulu uSomandla nonoMusa, Owaletha kwabafileyo ngosuku lwesithathu iNkosi uJesu, iNdodana yaKho, othe ngesihle, ngomusa waKhe, wathethelela izono zethu futhi waphulukisa ukugula kwethu, siMnika udumo kuze kubephakade naphakade.

42 Siyajabula ukuba yisivakashi namhlanje phakathi kwalababantu baseCanada abayigugu. Asizizwa ukuthi siyizihambi, kodwa siyizakhamizi ezikanye nabo emnothweni omkhulu kaNkulunkulu. SiyaKubonga ngalokhu, ukuthi sisonke sizoma njengengaphambili elihlangene loMbuso kaNkulunkulu, sifundisa bonke abantu nezizwe zonke ukuba zikholwe eNkosini uJesu Kristu, njengoba Usiyalile ukuba siye ezweni lonke futhi senze abafundi zonke izizwe.

43 Futhi njengezakhamizi ndawonye namhlanje, sijoyina ukukholwa kwethu, namathemba ethu, nemikhuleko yethu yabantu olapha. Ngombuthano namhlanje, uma bekhona abanye lapha, Nkosi, ongakwazi Wena njengoMsindisi wabo,

kwangathi lolu kungaba usuku abazokwenza ngalo isinqumo esenele konke ukuthi "uJesu unguMsindisi wami kusukela namhlanje kuqhubeke."

44 Uma kukhona labo lapha Nkosi, abagulayo nabahluphekile, kwangathi uBukhona baKho bungaqina kakhulu futhi bunqobe kakhulu phezu kokungakholwa, ukuthi wonke umuntu ophakathi lapha uzophulukiswa. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi kungebebikho noyedwa umuntu obuthakathaka phakathi kwethu ekuvalweni kwalenkonzo.

45 Baba waseZulwini, njengoba sihlukana kulentambama enkonzweni, ukuya emakhaya ethu ehlukene, Angazi, lesi kungahle kube yisikhathi sethu sokugcina sokubuthana ngapha kwePhakade, futhi uma kuba njalo, Nkosi, uma kunjalo ukuba ngaleyondlela, ukuthi ngeke siphinde sibuthane ndawonye. . .

46 Akungabazeki, uma ngingabuya, uma bengingaphila futhi ngibuye unyaka kusukela namhlanje, abaningi bayobe belahleka, khona-ke Baba, hlobo luni lomuntu esifanele sibe yilo na? Sifanele sisondele kanjani kubantu, sazi mhlawumbe lesi yisikhathi sethu sokugcina sokuhlangana na? Ngokujula kobuqotho, ngazo zonke izinhliziyo zethu, nonembeza wethu ufafazwe ngeGazi leNkosi uJesu, kwangathi singasondela eZwini laKhe ngokukholwa nenhlonipho yokuzithoba.

Khona-ke kwangathi kungenziwa okuthile kulentambama okuzobangela lababantwana bakaNkulunkulu ukuba bakhule basondele kakhulu kuWe.

47 Futhi ngiyazi ngihlezi lapha namhlanje, Baba, kulesisakhiwo baningi balaba, bethu, ebesingakubiza ngokuthi, amadoda asemngceleni, bayizifiki, noma abantwana bezifiki, basebenze phezu komhlabathi. Futhi ngikhuphuka ngomzila ngolunye usuku, ngabuka phandle lapho futhi ngibona ubaba, nomama, abantwana abancane abangafake zicathulo, bedonsa izicupho ezidala emaxhaphozini, bezinqwabela ndawonye, bezama ukufaka enye imbewu emhlabathini ukuze babe nokudla abazokudla, ngonyaka ozayo, inhliziyo yami yavutha.

48 Ngacabanga, "O Nkulunkulu, baphe iKhaya eliPhakade, lapho okungayikubakho noma yiziphi izicupho ezizosuswa, lapho bengayikutshala khona futhi omunye adle, kodwa bayophila ingunaphakade eKhaya labo laPhakade, abancane babo ukuba babe nabo." Siphe khona, Nkosi.

49 Abaningi bahlezi lapha, owaziyo ukuthi kusho ukuthini ukwehla ngomzila wezinyamazane, phezulu emahlathini, babone ukuphuma nokushona kwelanga, bazi ukuthi ngezikhathi zenkathazo ukuthi okunye ukubamba okuyimfihlakalo, ukuthi uNkulunkulu wabasiza, nasezindaweni ezimpintshene; Ngiyabathanda, Baba, bangabazalwane bami.

50 Futhi njengoba ngizwakalise kubangane bami abahle abahlezi lapha namhlanje, Ngithemba ukuthi ngihlangana

nabo bonke ngasemkhondweni othize omkhulu wezinyamazane eNkazimulweni. Kwangathi singahlangana nabo bonke labo esibathandayo futhi esihlanganyele ndawonye nabo lapha emhlabeni. Futhi uma noma ubani engakulungele lokho, kwangathi bangalungela namhlanje.

51 Ngena eZwini, Baba, futhi utshale iMbewu ezinhliziyweni zethu ukuze sibe nokuPhila okuPhakade, ngokuba siyakucela, eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, uMsindisi wethu, uJesu Kristu. Amen.

52 Ngicishe impela nje ngiqale emiBhalweni, ngoba ningabantu abakahle kakhulu. Futhi angikusho lokho ukuba nje ngibe muhle, ngikusho ngokusuka enhliziyweni yami. Uma ngisho noma yiyiphi enye indlela, bengiyoba ngumzenzisi, futhi ngingaqoka ukuhlangana noNkulunkulu ngingumphikinkolo kunomzenzisi.

53 Manje, ngifuna ukunifundela umBhalo, ngoba ngikholwa ukuthi engingakusho kungahle kwehluleke, ngoba ngingumuntu, kodwa Akushoyo akusoze kwahluleka, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze lehluleka." Futhi indlela kuphela esingasondela ngayo kuNkulunkulu ngesiqiniseko, ngukuza ngeZwi laKhe, ngokuba Wethembisa ukuLihlonipha. KuJohane oNgcwele 14:8:

> *UFiliphu* wathi *kuye, Nkosi, sikhombise uYihlo, kusanele.*
>
> Futhi u*Jesu* wathi *kuye,* Sengi*be isikhathi esingaka . . . nani, . . . awungazi, Filiphu na?*

54 Ngizothatha futhi ngidonse okwengqikithi evela lapho: *Sikhombise UYihlo*. Lokho ngukukhala kwenhliziyo yomuntu, bekuhlala kunjalo. Njengoba sazi ukuthi kukhona uNkulunkulu, wonke umuntu osazofa uzamile ukubuka ngale kwekhethini lesikhathi ukuthola ukuthi bebengabona yini ukuthi bavelaphi, yini umsebenzi wabo lapha, futhi bayoba kuphi emva kokuba sebesuka lapha.

55 Manje, siyazi sivela ndawondawo, futhi silapha ngesizathu esithize, futhi siya ndawondawo. Futhi akukho, kuzo zonke izincwadi ezifundwayo ezweni, yinye kuphela iNcwadi Engakutshela ukuthi uvelaphi, ukuthi ungubani, nokuthi uyaphi, lelo yileliBhayibheli. Ngakho sisondela kuYe kulentambama.

56 Ngisho iyincwadi endala kunazo zonke eBhayibhelini, uJobe. Ngenkathi eqhume amathumba, kwakubukeka sengathi yonke into yayiphambene naye, futhi, umKristu wakhe—wakhe, noma, abangane bakhe bezenkolo bathi, "Jobe, wenze okubi." Abantu abaningi bafuna ukusho, ngoba umuntu othile uyagula ukuthi benze okubi, akusilo iqiniso lelo. UJobe wayeyindoda ephelele, uNkulunkulu washo njalo.

57 Kodwa ngezinye izikhathi uNkulunkulu uvumela ukuhlupheka kushaye abantu baKhe ukubahlolela ukukholwa kwabo. Wayehlola ongcwele engakhuzi isoni. Futhi uNkulunkulu wenza lokho ukuhlola. UJesu wathi . . . UmBhalo uthi yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ivivinywe, ihlolwe, iqeqeshiswe okomntwana, futhi khona-ke bafakazelwa ukuthi bangabantwana abakahle bakaNkulunkulu.

58 Futhi manje, odabeni lukaJobe, ngenkathi yonke ingcebo yakhe yathathwa kuye, futhi bonke abantwana bakhe bathathwa, bonke abangane bakhe waye, bamfulathela, bahlala izinsuku eziyisikhombisa, bemsola ngokuba yisoni sangasese, nokho uJobe, hhayi . . . wayazi ukuthi wayengesiso isoni, ngoba wama wagxila kulokho uNkulunkulu ayekuthembisile. UNkulunkulu wayedinga umnikelo wokushiswa, noJobe wayewunikelele yena nabantwana bakhe, futhi wayazi ukuthi wayelungisisiwe, ngoba wayenikele ngomnikelo ofanele kaNkulunkulu.

59 Besingadonsa kanjani kulokho namhlanje, sibe sazi ukuthi singena eBukhoneni bukaNkulunkulu nokukholwa sikholwa, akukho lutho oluzokuguqula lokho. UNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakuxazulula.

60 Kwathi-ke esengene kakhulu osizini lwakhe futhi wahlala endundumeni yomlotha, enwaya amathumba akhe, umzimba wakhe wawuqhume amathumbu, nomkakhe wathi, "Jobe, awumthuki ngani uNkulunkulu ufe na?"

61 Wathi, manje, akazange ambize ngowesifazane oyisiwula, wathi, "Ukhuluma njengaye." Wathi, "Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula. INkosi yapha, iNkosi ithathile; malibongwe iGama leNkosi." Wayengeke amthuke uNkulunkulu. Wayazi ukuthi wayengenalutho, wathi, "Ngafika ezweni ngize, futhi ngiyakubuya ngize."

62 Kwase kuthi-ke ngenkathi uMoya ufika phezu komprofethi futhi uqala ukubona OLungileyo eza, wayezama ukuthola indawo lapho ayengaya khona bese engqongqotha emnyango waKhe [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti—Umhl.] bese ethi, "'Ngi—ngingathanda ukukhuluma naWe umzuzu, nginezinkinga ezithile engithanda ukuxoxisana ngazo. Kungani ngigula na? Kungani ngihlupheka kanje na?' Uma kuphela bengingathola umnyango waKhe, lapho engingangqongqotha khona emnyango waKhe! Ngingathanda ukuMchazela khona."

63 Khona-ke ekugcineni, uNkulunkulu wakhuluma kuye esivunguvungwini, wathi, "Bopha izinkalo zakho njengendoda." NoNkulunkulu wehla ngesivunguvungu, wathi, "Jobe, wawukuphi ngenkathi Ngibeka isisekelo sezwe na? Ngitshele ukuthi ama-ekseli ahhukwe kuphi. Lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye namadodana kaNkulunkulu amemeza

ngokujabula, wawukuphi, Jobe na? Uma unokuhlakanipha okungaka na?"

64 Khona-ke uMoya wafika phezu komprofethi, futhi wabona, wathi, "O, uma kuphela bengingathola uMuntu othile, omunye uMuntu ebengingaya kuye obenokuqonda, Othile engingamethemba bese ngithi, 'UnguMmeleli kaNkulunkulu,' omunye uMuntu owayekwazi ukubeka isandla saKhe phezu kwe—kwe—kwesoni nakuNkulunkulu oNgcwele futhi avale isikhala." YiLowo esimbhekile, Othile Ongabeka isandla esonini nakuNkulunkulu oNgcwele futhi ame esikhaleni.

65 Kwase kuthi-ke, sekuyiminyaka eyizinkulungwane ezimbili ngaphambi kokuba OLungileyo afike, wabona umbono, futhi wamemeza kakhulu ngenkathi ewubona, ngoba imidumo yaduma, umbani wabaneka, nalomprofethi wangena kuMoya, wabona umbono. Wase-ke esukuma wayesethi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ngezinsuku zokugcina Uzoma phezu komhlaba. Noma izibungu zesikhumba ziwubhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, Engiyakumbona mina uqobo, amehlo ami ayakumbona hhayi omunye. Ngokuba asilethanga lutho kulomhlaba, kuqinisekile ukuthi asikhiphi lutho. INkosi yapha, iNkosi ithathile; malibongwe iGama leNkosi."

66 Wayethole leyonduduzo, wathola leyoNto ethize e—eyayikwazi, Othile Owayengama esikhaleni futhi akwazi ukunxusela phakathi komuntu oyisoni noNkulunkulu oNgcwele.

67 Ngijabula kakhulu kulentambama, bandla, kini, bangane bami engizwakalise ngomsebenzi wenu onzima, okhandlayo, nothando lwenu, nezinyembezi, ngiyajabula namhlanje ukuthi sithole futhi Lowo ongama esikhaleni futhi enze ukunxusela mina nawe, esingafanelekile. Ngithanda ukukhuluma ngokuMbona futhi nje nginikhombise ukuthi kulula kanjani.

68 Izikhathi eziningi sithumela abafundi bethu, abantwana bethu, ezikoleni ngemfundo ephakeme, futhi kungesikho ukudelela lokho, Nkulunkulu yala, lokho kulungile, kuthatha ingxenye, kudlala ingxenye kodwa hhayi ingxenye esemqoka, izikhathi eziningi sibafundisa basuke kuNkulunkulu.

69 Asisoze samazi uNkulunkulu ngemfundo, ungeke. Sithole lokho manje ukuthi kuthatha umuntu. . . Imfundo iyisitha esibi kunazo zonke iVangeli eselake laba naso. Manje, bukani lokho nje futhi nibone lokho. Umuntu ucabanga nje ukuthi angamedlula ngokuhlakanipha uNkulunkulu, angeke akwenze, ubuhlakani bakhe ngumuntu nje, uNkulunkulu unguMoya, ongenasiphelo. Manje, siyathola. . .

70 Manje ngifuna ukukhuluma ngokubona uNkulunkulu. "Sikhombise uYihlo, futhi kuzosanelisa." UJesu wayekhulume kakhulu ngoBaba waKhe, noFiliphu wayefisa *kakhulu*,

waze wa...wathi nje kubo, "Manje, izinhliziyo zenu mazingakhathazeki ngoba Ngilungiselela ukunishiya, nikholiwe nguNkulunkulu, kholwani nayiMi," wakhuluma ngeNdlu kaYise.

Futhi uFiliphu wabhoboka wayesethi, "Sikhombise uYihlo, futhi kuzosanela."

71 Wathi, "Sengibe nani isikhathi esingaka, Filiphu, futhi aniNgazi na? Obone uBaba...Obonile Mina ubonile uBaba. Futhi usholoni ukuthi, 'Sikhombise uYihlo na?'"

72 Manje, ngithanda ukubuza kulentambama: Ningathanda ukubona uNkulunkulu na? Ningathanda ngempela ukubona Lona esikhuluma ngaye na? Angabonwa na?

73 Sakhuluma ngalokho ngobusuku bokuqala lapha. Kodwa ngizokhombisa izindlela ezine ezehlukene esingabona ngazo uNkulunkulu. Manje, ngizokhuluma ngezindaba ezine ngokushesha impela: "UNkulunkulu EMhlabeni waKhe nezulu," "UNkulunkulu EZwini laKhe," "UNkulunkulu ENdodaneni yaKhe," "UNkulunkulu Ebantwini baKhe." Futhi mhlawumbe ngalokho sizokwazi ukuthola ukuthi uyini uNkulunkulu, lapho Ekhona. Ngabe Usehambile na? Ngabe WayeyiNto ethize eyake yaphila futhi manje isidlulile na? Qhabo, mnumzane.

74 Wathi, "ANgisoze nganishiya, angisoze nganishiya. Bhekani, Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe. Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe."

75 Manje, ngizokhuluma kuqala ngokuthi "UNkulunkulu EMhlabeni waKhe nezulu." Asiqalaze manje futhi sibone ukuthi singaMbona yini. Futhi uma ngingakwazi, ngemiBhalo, ngifakazise ukuthi uNkulunkulu uSomandla ukhona khona lapha kulelikamelo kulentambama, impela bekufanele kuxazulule umbuzo wokuthi ngabe ubuzoMkholwa noma qha, kodwa ngemiBhalo nangobufakazi obubonakalayo, ngifakazisa ukuthi Ukhona lapha manje.

76 Neqa ngaphezu kwaKhe ngaso sonke isikhathi, nizama ukuMthola, ugxumela entweni ethize phandle le *lapho*, kanti Ikhona *lapha*. IBhayibheli lithi uNkulunkulu usondele kakhulu kithi kunezingalo zethu, amalunga ethu emizimba yethu, ngoba Uyingxenye yethu, UngukuPhila kwethu.

77 Esikhathini esingeside esedlule, ngikhuluma ngoNkulunkulu emhlabeni waKhe nezulu, Nganginendoda endala eyaya ebandleni lami egama linguJames Wiseheart. Wayengumdobi omdala, ngangimbiza ngo "Malume Jim."

78 Wayethi akasondele eminyakeni engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, futhi wayevame ukudoba phezulu

emfuleni, wayeza ngapha ebandleni, wayengowaseKentucky, nomfula ucishe ube yimayela ukuvundla futhi, o, amahora amahle uMalume uJim omdala nami esibe nawo emfuleni ndawonye, sibamba labobhabhula, silale phandle osebeni ubusuku bonke ndawonye futhi sikhulume ngoNkulunkulu futhi nibambane ngezandla futhi nikhale njengezingane. Ungaphesheya kolunye uHlangothi kulentambama, ngilindele ukumbona ngolunye usuku, lapho ngiwela.

79 Izwi lokugcina engalizwa elisho kimi, ngenkathi ngiza eCanada, lapha eminyakeni embalwa edlule, wathi, "Ngolunye usuku, Billy Boy, uzobuya, futhi uMalume Jim uzobe esehambile." Cishe ezinsukwini ezimbili emva kwalokho, wawa ngokushesha, futhi wafa ekuhlaselweni yinhliziyo, waya eKhaya ukuyohlangana noNkulunkulu.

80 Kwakukhona ibandla elithile edolobheni lakithi ukuthi umndeni omncane waya kulelibandla, nebandla lalifana kakhulu nehlelo elalikholwa ukuthi lapho. . .uhlobo lokufundisa uNkulunkulu ukuba abe yiNto ethize yomlando. Futhi ngakho kwakukhona umfanyana eklasini lakhe likaSonto sikole, wayekade eshisekele, futhi wathi kunina, wathi, "Mama, uma uNkulunkulu emkhulu kangaka, futhi. . .kungani ngingaMboni na?"

"Ngani," umama wathi, "ndodana, angazi."

Wathi, "NgingaMbona na?"

Wathi, "Angazi. Awubuzi ngani uthisha wakho kaSonto sikole na?"

81 Futhi ngakho ba. . .umfana omncane, kuSonto sikole olandelayo, wathi, "Thisha, ngifuna ukukubuza into ethize umama wami—wami angakwazi ukuyiphendula." Wathi, "Ukhona ongabona uNkulunkulu na?"

"Ngani," wathi, "Angazi." Wathi, "Buza umelusi."

82 Ngakho umfana omncane e. . .ngentshisekelo yakhe waya kumelusi wayesethi, "Melusi, ngifisa ukukubuza umbuzo umama wami noma nothisha wami kaSonto sikole ongangiphendula." Wathi, "LoNkulunkulu omkhulu okhuluma ngaye, Akasuye yini uNkulunkulu wesintu na?"

"Yebo, ndodana. Ngani na?"

Wathi, "Uma EnguNkulunkulu, khona-ke ukhona ongaMbona na? Ngingathanda ukuMbona."

"O," wathi, "ndodana, qhabo. Akekho ongabona uNkulunkulu. UNkulunkulu akabonwa."

83 Umfana omncane wadumala. Ngakho wayevame ukwenyukela emfuleni noMfowethu Wiseheart omdala ukuyodoba. Ngoluny'usuku ehla, noMfowethu Wiseheart nentshebe yakhe emaphethelweni empunga, wayethi akabe

neminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, futhi babekade benokubamba okuthandekayo phezulu emfuleni futhi babeza behla, nakho kukhuphuka isiphepho, futhi sabagijimisela ogwini.

84 Futhi baya osebeni, futhi baphumula kwaze kwaphela isiphepho. Bangena ngaphansi kwezihlahla futhi emuva ngaphansi kommephula omkhulu kanjalonjalo, kwaze kwadlula isiphepho. Kwase kuthi-ke emva kokuba isiphepho sesiphelile, baphusha isikebhe baphuma base beqala behla ngomfula.

85 Futhi amagagasi amancane, futhi indoda egwedlayo kuphela eyazi ukuthi kuyini ukuzwa lowomnyuziki wokushoshozela kwezigwedlo njenge...emagagasini, ukuhlokoma okuncane kwamagagasi. Nelanga lase lishona entshonalanga, nasemuva empumalanga lapho ababevela khona, umfana omncane wayehlezi kwingemuva lesikebhe, futhi kwakukhona uthingo lwenkosazana, luphuma lunqamula isibhakabhaka, njengoba uNkulunkulu enza isithembiso ukuthi izwe alisayikubhujiswa ngamanzi.

86 Nomdobi omdala lapho eqala ukudonsa lezizigwedlo, wayelokhu ebhekisisa lolothingo lwenkosazana, futhi emva kwesikhashana, baqaphela ezinkulukazi, ezicwebezelayo, izinyembezi ezimhlophe zehla ezihlathini zakhe, phezu kwentshebe yakhe emaphethelweni empunga. Nomfanyana wabhekisisa ikhehla imizuzwana embalwa nje, waba nomdlandla kakhulu, wagijimela phezulu enkabeni yesikebhe, wawa ngasethangeni lomdobi omdala, wayesethi, “Mnumzane, ngizokubuza okuthize umama wami, noma uthisha kaSonto sikole, noma umelusi angawuphendula.” Wathi, “Ukhona umuntu ongabona uNkulunkulu na?”

87 Umdobi omdala, wehlulwa ngumbuzo womfana omncane, wadonsela izigwedlo zakhe esikebheni, wagaxa umfana omncane ngezingalo zakhe, wayesembambela esifubeni sakhe, futhi ekhala izinyembezi, wathi, “Nkulunkulu, ayibusise inhliziyo yakho encane, s’thandwa. Konke engikubonile eminyakeni engamashumi amahlanu edlule bekunguNkulunkulu.” WayenoNkulunkulu omningi kakhulu ngaphakathi kuye, wayekwazi ukuMbona ndawo zonke.

88 Yileyondlela obona ngayo uNkulunkulu, ngukufaka uNkulunkulu ngaphakathi kuwe. Uma unomnqikazi, no—nokuzibuza, nezingxaki, nokungabaza, awusoze wambona uNkulunkulu. Ufanele uvumele uNkulunkulu angene kuwe, khona-ke Uzovula amehlo akho.

89 Manje, isibonelo nje, ngiqaphelile ngikhuphuka ngolunye usuku, ukuthi onke amadada akithi, avela ezansi e-Indiana, enyukela lapha ukuvakashela nina bantu eCanada. Awuhlobo lwesidalwa esinobudlelwane. Futhi enyukela lapha ngesizathu esisodwa, ukwenza isidleke. Azobuyela ezansi, e-Indiana futhi,

ngakho, ezansi eTexas naseGeorgia; ehlela ebusika kanye nathi, enyukela lapha uku. . . ngentwasahlobo ukunivakashela nonke.

90 Futhi khona-ke lapho be. . . Ngiyazi ukuthi lelo yigama elibi kabi, *nonke*, kodwa khumbulani ngingu—ngingumhlubuki, ngakho. . . Futhi ngenkathi enyukela lapha, aphumela odakeni lapha, ezizibeni zenu ezincane nasemachibikazini enu, futhi enza izidleke zawo ezincane, achamusela amachwane awo amachwane amadada ne—nezawo. . . abhukuda azungeze lelichibikazi, kuze kuthi emva kwesikhashana kuza iqhwa futhi—liza phezu kwesiqongo sezintaba. Cishe ngoSeptemba, ngenkathi lowomoya ohelezayo wokuqala ushaya phansi unqamula kulezizinkangala lapha. . .

91 Manje khumbulani, lawomadada amancane awakaze asuke kulesosiziba, azalelwa khona lapho. Futhi asengamadada amakhulu kahle manje, asevuthiwe. Futhi kukhona elilodwa phakathi kwalo elazalwa lingumholi, uNkulunkulu walenza umholi. Futhi okokuqala lowomoya ohelezayo uvunguza, akakaze akuzwe lokho ngaphambilini, kodwa uyazi ukuthi kukhona okungalungile. Wenzani na? Ugijima uphumela ngqo phakathi kwalesosiziba nalezozigwedlo ezincane, uqhumisa lokho kukhala okuncane emoyeni futhi, "*Hong-hong*, *hong-hong*." Futhi lonke idada esizibeni liyoza kuye ngqo.

92 Uzokwenzani na? Aphakame ngqo asuke kulesosiziba nawo onke amadada lapho, futhi ahambe aqonde ngqo eLouisiana njengoba engahamba. Wazi kanjani ukuthi ayephi na? Kungani na?

93 Sithi, "Ukuzibonela kwemvelo, ukuzibonela ngokwemvelo kuyamhola." Awu, uma ukuzibonela kwemvelo kungahola idada lisuke ezweni elineqhwa liye ekuphepheni, kakhulu kangakanani uMoya oNgcwele ufanele uhole iBandla likaNkulunkulu ophilayo na? Inkathazo yakho ingukuthi asiqondi, silalela abaholi bethu, lowo abaholi abenziwe ngumuntu, esikhundleni soMholi onikezwe nguNkulunkulu, onguMoya oNgcwele. Silalela ababhishobhi nababhishobhi abakhulu nokhadinali nabapristi, kanti besifanele silalele uMoya oNgcwele, ngokuba Yilokho okwanikezwa ukuhola iBandla.

94 UBilly Jr., ndawo ndawo lapha, yena nami sasisanda kufika nje eNdiya eminyakeni embalwa edlule, futhi ngacosha iphephandaba lesiNgisi, okuyizwe elinezilimi ezimbili, futhi lathi, "Ngicabanga ukuthi ukuzamazama komhlaba sekuphelile, ngoba izinyoni ziyandizela zibuyela emuva." Ngifunde indatshana ngokujulile. Cishe ezinsukwini ezimbili ngaphambi kokuba ukuzamazama komhlaba kushaye. . .

95 ENdiya abaphili kahle njengoba ninjalo eCanada. Bafanele bacoshe amadwala emasimini ukwenza izindlu zabo futhi—futhi benze uthango lwabo—lwabo nokunye nokunye. Nezinyoni

ezincane zingena lapho futhi zakha izidleke zazo kulemifantu, bese kuthi-ke ezintangweni, izimvu ziyangena, ntambama, izinkomo, bese zima ethunzini, lapho ilanga, leyomisebe eqondile yalelolanga lasezindaweni ezishisayo likushaya, futhi kushisa kabi kabi. Ngakho zazifika njalo ntambama futhi zime emathunzini ezindonga, izindonga ezinkulu eziphakeme, nezinyoni ezincane ziyokwakha izidleke zazo futhi zihlale kulezizingoxo emuva emadwaleni.

96 Kodwa ngolunye usuku, ngokungazelelwe zonke izinyoni ezincane, ngesizathu esithize esingaziwa, zandiza zasuka ezindongeni, nezinkomo nezimvu azingenanga ukuba zime ngasezindongeni, zazi ukuthi kukhona okwakuzokwenzeka. Kwenzekani na? Usuku lwesibili azingeni neze. Futhi niyazi ukuthi zilithola kanjani ithunzi na? Ziyancikana futhi zenzelana umthunzi.

97 Ngicabanga ukuthi iBandla belifanele likufunde lokho. Nina maMethodisti, maBaptisti, maPentecostal, namaPresbyterian, anazi yini, bazalwane, ukuthi besifanele sencike komunye nomunye, sencike komunye nomunye ukwenza umthunzi omunye komunye, sizama ukusizana, hhayi ukuzama ukulahlana ngecala, kodwa sizama ukwenza ithunzi elincane, umthunzi omncane weVangeli ukuba sime kuwo, ngokuba yisikhathi esikhandlayo esiphila kuso.

98 Khona manjalo, cishe ukusa ngokusa okulandelayo, nakho kufika ukuzamazama komhlaba, okunye emva kokunye, kwaze kwazamazamisa lezozindonga phansi. Ukuba izimvu zazikade zimi ngasezindongeni, zaziyobhubha, nezinkomo futhi, izinyoni ezincane zaziyoba semakhaya azo e—ezindongeni, zaziyobhubha. Kodwa kuyini na? UNkulunkulu ofanayo ogijimisa izimvu, nezinkomo, nezinyoni zingene emkhunjini, ufakazisa ukuthi UsenguNkulunkulu ofanayo, ngo 1960.

99 Waxwayisa izilwane zaKhe ukuba zibalekele ulaka oluzayo, Angabiza futhi okwaKhe . . . Futhi ngithole okuqhaselwe kwakho ephephandabeni. Kwase kuthi emva kokubhonga kokugcina kokuzamazama komhlaba, izinyoni ezincane zabuya, nezinkomo zabuya.

100 Kuyini na? UNkulunkulu emhlabeni waKhe nezulu, uNkulunkulu ekhuluma nemvelo, kukhombisa ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo owayekhona ngesikhathi sikaNowa, unguNkulunkulu ofanayo namhlanje. Futhi uma izinyoni nezilwane zisengaholwa ngokuzibonela kwemvelo, okuyinto ezinikezwe nguNkulunkulu ngazo, kakhulu kangakanani kuzokwenzeka . . . besifanele ngoMoya oNgcwele ukuba sibalekele ulaka oluzayo na? Ngokuba sonke siyazi ukuthi amagama ethu asebhomu lehayidrojini laseRashiya ndawondawo. Kungani singabalekeli ulaka na? Siyazi uma sifela esonweni, isihogo siyoba ukulahlwa kwethu.

101 Futhi uNkulunkulu, njengoba Ethembisa ngezinsuku zokugcina, ukuthumela lezizibonakaliso ezifanayo nezimanga enizibona zithathwa manje eBandleni, ukuba kube yisibonakaliso esiyisixwayiso sosuku lokugcina. Futhi siyakubuka futhi sisalokhu sisezindlini zodaka ezindala zezwe, sisalokhu sihlezi ekungakholweni kwethu. "UNkulunkulu emhlabeni waKhe nezulu."

102 Ngifuna ukusho lokhu kubalingani bami abazingelayo: Njengoba iningi lenu lazi, ngingumphelekezeli eColorado, ngahlala epulazini elikhulu lapho iminyaka. Futhi ngangivame ukukhumbula izikhathi lapho si. . .iTroublesome River Valley ikhona. . .iHereford Association idlisa kulesosigodi. Uma ungakhulisa ithani lefolishi, ungabeka inkomazi ehlathini *ngapha* nje kwe-Estes Park nehlathi i-Arapaho, kodwa ipulazi lakho elikhulu lezinkomo lizofanele likhiqize ithani lefolishi, bese kuthi-ke, kusobala, ufake uphawu izinkomo zakho lapho. Angi. . .Ngikholwa ukuthi uyakwenza ezansi eVernon, Mfowethu Schulz, usabeka uphawu izinkomo zakho lapha, futhi lokho kungukuzigcina zingaxoveki.

103 Bese kuthi-ke, banothango lokushushumbisa lapho i—izinkomo zehla khona ukuze zingashushumbi zibuyele empahleni yomuntu siqu. Umqaphi wayevame ukuma lapho. Futhi lapho senyusa izinkomo emva kokuqoqa kwasekuqaleni kwentwasahlobo futhi sizilethe ukuba sizibeke edlelweni, sasivame ukuziholela phezulu lapho. Futhi isikhathi esiningi ngihlale nomlenze wami ngasophondweni lwesihlalo sehhashi, ngibhekisise lowomqaphi ezibhekisisa lapho zidlula.

104 O, kukhona zonke izinhlobo zezimpawu. Sasine, ngiyakholwa, sasine. . .esinye sasibizwa nge—ngeTripod, nomakhelwane wami kwakuyiTurkey Track, no—nomunye kwakungu, Grimes, ngale kwelinye icala, owayengumfuyi omkhulu kakhulu kunabo bonke esigodini, wayeno—nomgoqo, iDiamond Bar, futhi kwakukhona izinhlobo eziningi ezehlukene.

105 Kodwa niyazi, ngaqaphela ukuthi umqaphi akazange azinake kakhulu lezozimpawu, kodwa yinye into ayihlolisisa, lokho kwakuyicici legazi, ngoba akukho okwakungadla kulelodlelo ngaphandle kokuthi kwakuyiHereford yohlobo, ngoba zonke zazibhalisiwe, futhi wabhekisisa icici legazi.

106 Bengihlale ngicabanga ukuthi yileyondlela okuyoba ngayo ngoSuku lokwaHlulelwa. Ngenkathi simi lapho, Angeke aqaphele ukuthi hlobo luni lophawu esilufakile, kodwa Uzobheka iGazi leNdodana yaKhe ukubona ukuthi sikwamukele yini Lokho.

107 Ngomunye unyaka phezulu lapho ngizingela, ngangiyo. . . iqhwa lalingakafiki nokho, ngakho i—inyamazane i-elki yayiphezulu, futhi ngangifunisisa phezulu lapho inyamazane i-elki. Futhi uMnu. Jeverez, ubasi weplazi lezinkomo, futhi

wayebuyele emuva kwesinye isigaba, futhi ngangiyomlanda ezinsukwini ezithi azibe mbili. Kodwa sasesiqedile ukukuthola konke okwethu, esikubiza ngokuthi, "izinsizwa," abazingeli bethu baphumile endleleni, futhi ngakho sasiphezulu ukuba sithole izindebe.

108 Futhi ngangiphezulu phezulu, ngoba iqhwa lizofanele ligijimise lezozinyamazane ama-elki ziphume, ziyisidalwa sasendle. Futhi ngangihamba, futhi ngalesosikhathi sonyaka liyo—liyokhithika, bese-ke lina, bese-ke kuphuma ilanga kanjalonjalo.

109 Futhi nakho kufika isiphepho semvula, futhi ngisanda kufika emva kwezihlahla, cishe impela umugqa wemithi yokwenza amapulangwe. Futhi ngenkathi ngisesemva kwesihlahla, ngangimi lapho nje ngicabanga, "O Nkosi Nkulunkulu wami! Mina ngokumangala okwesabekayo, kanjani, nasezinkanyezini ezibhakabhakeni emhlabeni omkhulu nezulu, Wena unguNkulunkulu!" Imvula yanqamuka, emuva le ngale entshonalanga ilanga laphuma emfantwini wentaba, kwakubukeka njengeso elikhulu likaNkulunkulu libuka. Futhi ngenxa yemvula neqhwa elilenga esihlahleni esihlala siluhlaza, nakho kuza uthingo lwenkosazana ngaphesheya komgede.

110 Futhi ngabheka phezulu lapho, ngathi, "O Nkulunkulu, kuhle kakhulu ukuba phezulu lapha! Nango Wena othingweni lwenkosazana." Futhi khona lapho nje, inkentshane ikoyote yakhala phezulu egqumeni, no—nomata waliphendula phansi ekugcineni. Futhi ngiyithanda kanjani imvelo, umhlaba nezulu kaNkulunkulu!

111 Ngangimuzwa uNkulunkulu ekukhaleni kwempisi. Futhi ngezwa inyamazane i-elki enkulu indala ikhala, ilahlekile esiphephweni kuwo wonke umhlambi. Lapho, ngimi lapho izandla zami ziphakeme emoyeni, ngikhala izinyembezi ngoba ngangibona uNkulunkulu ekushoneni kwelanga, ngangiMbona othingweni lwenkosazana, ngangiMuzwa ekukhaleni kwempisi ngomata wayo, ngangiMuzwa ekukhaleni kwenyamazane i-elki ngomhlambi wayo. UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu, bazalwane, impela ukhona.

112 "O," ngacabanga, "bangekubuke kanjani abantu lokho na?" Ngacabanga, "Kuhle ukuba lapha." NjengoPetru wathi, "Masakhe amadokodo amathathu," kodwa ezansi ekugcineni kwentaba. . .Ngacabanga, "Nkosi, kungani ngizodingeka ngi. . .? Ngazalelwa lokhu, ngazalelwa intaba, ngiyakuthanda lokhu, futhi kungani ngifanele ngize ngehle na? Kodwa kusobala, kukhona abantwana abagulayo phansi ekugcineni kwentaba, nobaba nomama abangamazi uNkulunkulu, ngifanele ngiyishiye indawo futhi ngehle."

113 Ngenkathi ngisami lapho, awu, kini maPresbyterian, ngiqagele ngibe namadlingozi, kinina maPentecostal,

ngangimemeza, ngajabula kakhulu, ngaze ngaqala ukuphonsa izandla zami phezulu, ngase ngiqala ukugijima ngizungeza ngizungeza lesosihlahla, ngidazuluka ngalo lonke iphimbo lami, ngidumisa uNkulunkulu. Ngani na? NgaMbona emhlabeni waKhe nezulu, impela.

114 Futhi ngangimemeza nje. Uma omunye umuntu ubengafika emahlathini, bebeyo, bacabange ukuthi bebenendoda ehlanyayo emahlathini, kodwa ngangithi angibe ngamamayela angamashumi amathathu nanhlanu ukusuka empucukweni. Futhi ngangigijima, ngangingenandaba, ngangingafuni-muntu ukuba angizwe, ngangidumisa uNkulunkulu wami, Engangikwazi ukumbona emhlabeni waKhe nezulu, ngiMuzwe ezilwaneni zaKhe, ngiMbona ekushoneni kwelanga laKhe, ngiMbhekisise othingweni lwenkosazana lwaKhe, ngacabanga, "Yonke into lapha nguNkulunkulu."

115 Usondele kakhulu kunengalo yakho yangakwesokudla, uyehluleka nje ukuMbona. Ingamila kanjani imbali ngaphandle kukaNkulunkulu na? Yonke isayense emhlabeni ingeke yenze nelilodwa idlebe laleso sihlahla i-feni. Bangenza into ibukeke njengayo, kodwa abakwazi ukuyenza leyo ngoba inokuphila kuyo. UNkulunkulu ungukuPhila kuphela okukhona.

116 Ubani obengabuka ebusweni bo—bomnduze bese ethi akukho-Nkulunkulu futhi abe esalokhu ezisho ukuthi usile na? Ubengeke abe nomqondo okahle. Ngayo yonke isayensi yethu, besingasoze sakha umnduze. Ngenzele isihlahla, omunye umuntu. Ungeke wakwenza. Ngenzele idlebe lotshani. Ungeke wakwenza. Lowo nguNkulunkulu, uNkulunkulu ezimbalini zaKhe, uNkulunkulu elangeni laKhe, uNkulunkulu emhlabeni waKhe nezulu, UNkulunkulu ezilwaneni zaKhe, uNkulunkulu kokudaliweyo kwaKhe, okuthize ngakho.

117 Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi, uBabayi nami sasilima, futhi sasilima ummbila, futhi ngangisengumfanyana nje nehhashi lami liqala nje ukuhonqa *kanjalo*, emuva e-Indiana eplazini, ngase ngithi, "Yini indaba na?" Babebuka phezulu. Ngathi, "Mhlawumbe isilwane siyeza."

118 O, ngibona ubaba wami omdala, wayesethi akabe ngaleyonkathi, cishe eneminyaka engamashumi amathathu ubudala, ngiyacabanga, mhlawumbe amashumi amathathu-nanhlanu, wama, wathi, "Billy, ndodana yami, kukhona engifuna ukukutshela khona." Wathi, "Lawomahhashi awaboni lutho." Wathi, "Kodwa uyazi ukuthi yini elungiselela ukwenzeka na?"

Ngathi, "Qhabo, Baba."

Wathi, "Kuza isiphepho."

"Awu," ngathi, "manje, baba wami, angiboni-fu nhlobo, kanjalo angikuzwa ukuduma, noma ukubona umbani."

Wathi, “Awudingekile, awukakuboni okwamanje, angakubona wona.”

Ngathi, “Angikuqondi. Usho ukuthi ukubona kwalo kungcono kunokwami na?”

119 Wathi, “Akusikho ngempela, kodwa uyabo, Billy, uNkulunkulu uSomandla ubeke emvelweni indlela yokuzilondoloza nokuzigcina.” Wathi, “Lelohhashi liyakwazi ukuhogela noma ukuzwa lesosiphepho,” futhi wathi, “UNkulunkulu uwanika lokho ukuze akwazi ukufinyelela ekuphepheni.”

120 Ngama lapho kancanyana, ubaba wami wayengesuye umKristu ngalesosikhathi, ngakho ngacabanga, “Impela, uma uNkulunkulu enganikeza ihhashi umuzwa wokufika ekuphepheni lapho inkathazo iza, kakhulu kangakanani Angapha abantwana baKhe na?” Usemhlabeni waKhe nezulu. Niyabo?

Cishe, ngalima eminye imizungezo emibili futhi ngezwa ukuduma, ifu laliphezu kwethu cishe kwenye ingxenye yehora. Ayekwazi ukukuzwa.

121 Futhi ukuqhubeka cishe entabeni, lapho ngimi lapho, futhi ngangihamba ngizungeza futhi ngizungeza lesisihlahla, nje ngithokoza ngayo yonke inhliziyo yami. Niyazi, mina, lapho ngizizwa ngikholwa, ngiyakwenza khona manje, ngi—ngithi ukuba namadlingozi, ngi—ngiqagele ningahle nikubize ngokushisekela ngokweqile, kodwa omunye wathi, “Billy, wenza sengathi awuphilile engqondweni yakho.”

122 Ngathi, “Awu-ke, ngiyeke nje, ngoba ngizizwa ngingcono nga*le*ndlela kunoma ngenza ngenye indlela. Ngakho uma ngingenayo ingqondo ekahle, nje mangigcine *lena*, ngoba ngijabulela lokhu kangcono kakhulu, ukwazi uNkulunkulu kukho.”

123 Futhi ngakho ngazungeza ngazungeza isihlahla ngahamba, futhi ngangimi ngiphakamise izandla zami, ngithi, “Nkulunkulu, Wena unguBaba wami. O, ngiyaKuthanda, Wena, Owenza intaba, futhi wangenza ngayithokozele, wenza izilwane zasendle. Futhi lapha ngimi ngigeza eBukhoneni baKho. Kungani abantu bengakuboni Wena emhlabeni waKho nezulu okukhulu na?”

124 Bangawuchaza kanjani lomhlaba omi ezingoxeni, ulenga emoyeni kanje, uphenduka ngokuphelele, futhi kubekwe ngesikhathi ngokuphelele *kangako*, kuze kuthi osonkanyezi bangasho ngawo impela umzuzu ukufiphala kwelanga okuyofika ngaso enyangeni, phakathi kwenyanga nelanga amashumi amabili, neminyaka engamashumi amathathu ngaphambi kwesikhathi na?

125 Akukho nocezu lomshini owake waqanjwa ongagudluza lokho, hhayi ukunyakazisa lokho okuphelele. Iwashi lakho ngeke likwenze, akukho-washi elingagcina isikhathi esiphelele, hhayi nganoma yiliphi ibanga lesikhathi. Lizolahlekelwa ukushaya noma okubili, noma lithole ukushaya noma okubili. A—ayikho into umuntu angayenza kanjalo, kodwa uNkulunkulu uphelele, Usesikhathini ngqo.

126 Lomhlangano awusiwo owokuhlinzeka, uyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu ngathi, usenkathini eyiyo nje, isikhathi esifanele. Awuzanga uze lapha kulentambama nje ngeshansi, bekunguNkulunkulu okulethe lapha. Yonke into ihamba kahle nje. Manje, noma ngabe uyafuna ukulalela, noma ngabe uyafuna ukukholwa, lokho kuzoba kuwe, kodwa ekwaHlulelweni, khona-ke uNkulunkulu uzothi, "Uyakhumbula na?" E-hhe. Khona-ke ungathini na?

127 Manje, qaphelani, futhi ngaheheka...Lokhu kuzwakala kakhulu njengehlaya elincane, kodwa akusilo ihlaya. Futhi ngangigijima ngizungeza isihlahla futhi khona manjalo ingwejeje encane yeshoba...Angazi noma ninazo enhla lapha noma qha. I—iyinto encane eqophisanayo kunazo zonke esemahlathini, yona nje, awu, kunjengoba besho nje, isikhova somIrishi, konke ukuqophisana nezimpaphe futhi akukho sikhova.

Ngakho wa—wayevele nje...iyakhonkotha nje futhi iqhubeke. UMnu. Jeverez wayevame ukungitshela...Ngathi, "Yini ezenza zimpongoloze na?"

Wathi, "Iyakuthuka."

Ngathi, "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*, *tshweke*, *tshweke*, ulwimi olunjalo!"

128 Futhi lapho i—yayiqhubeka, nje igxuma phansi-na-phezulu. Futhi ngacabanga, "Yini oyixhuxhumelayo kangaka, mfo omncane na?" Ngathi, "Ngabe ngikuxhuxhumisile, ngoba bengigijima ngizungeza isihlahla na? Bhekani lokhu!" Futhi ngazungeza ngazungeza ngahamba futhi.

129 Futhi yayihlezi lapho nje, ixokozela le nje phezulu e—esiqwini lapho isihlahla sasiqhunyiswe khona. Ngase ngithi, "Ubuwazi ukuthi ngikhonza yena impela uNkulunkulu owakudalayo na?" Manje, ngathi...

130 Ngagijima ngazungeza izikhathi ezithi azibe mbili ngaphezulu, futhi ngamqaphela umfo omncane, ngacabanga ukuthi ngangimxhuxhumisile, kodwa wayeneso lakhe elincane eliqhunsukele ngaphandle esihlathini sakhe, futhi wayebuka phansi kulokho kushaywa phansi. Futhi ngacabanga, "Awu, yini esezansi lapho na?" Nesiphepho sasiphoqelele ukhozi olukhulu ukuba lwehle, futhi yilokho eyayikukhonkotha, kwakungesikho kimi, kwakuyilolokhozi.

131 Ngakho ngabuka futhi lolukhozi olukhulu lwagxuma. EColorado sinokhozi olunsundu, inyoni enkulu enhle. Futhi ngiyazithanda izinkozi, ngoba uNkulunkulu ufanisa abantwana baKhe, ifa laKhe, nokhozi, noNkulunkulu, qobo lwaKhe, Uzibiza ngoKhozi, UnguJehova Khozi, uBaba uKhozi, siyizinkozi zaKhe ezincane.

132 Ukhozi lungandiza luye phezulu kunanoma iyiphi enye inyoni ekhona. Uma uklebe ubungazama ukululandela, ubuyobuthuka emoyeni, ngakho uzama ukulingisa ubuKristu, uvele nje uziqhumise uvuleke, yilokho kuphela, akukusizi ngalutho. Yiba ukhozi, uzalwe ngokusha, imvelo iguquliwe, khona-ke ungakhuphuka iladi likaJakobe, khona-ke ungakhuphukela ezindawaneni eziphakeme kunazo zonke lapho zonke izinto zingenzeka khona kulabo abakholwayo, kodwa ufanele ube wukhozi, ikholwa.

133 Ungazami . . . AmaHeberu ngenkathi ewela, njengezinkozi, ngaphesheya koLwandle oluBomvu, ukuhlola, kulandela, abaseGibhithe abangasokile bazama ukwenza kanjalo futhi balahlekelwa ukuphila kwabo. Ungeke walingisa ubuKristu, ufanele ube ngumKristu. Kunjalo.

134 Manje, ngangimqaphelile lomfo omkhulu, futhi nga— ngayeka ukumemeza kwami noma ukuzungeza isihlahla ngamadlingozi, futhi—futhi ngabuka lolukhozi olukhulu, ngase ngithi, "Manje, angazi ukuthi uNkulunkulu ungiyekiselani ukuba ngimemeze na?" Ngikholwa ukuthi yonke into isebenzelana ibe ngokuhle. Futhi ngacabanga, "Benginesikhathi esihle kakhulu kangaka, Ungimiseleni manje ukuba ngibuke lolokhozi na? Inqe elidala!" Ngathi, "Awu, yini—yini—yini Wena . . . ? Angiboni lutho lobudoda kakhulu ngalo, ukumesaba kakhulu uNkulunkulu."

135 Kodwa ngacabanga, "Yonke into phezulu lapha izofanele ibe noNkulunkulu kuyo." Yonke into, ungabuka umuntu odelela kunabo bonke emhlabeni futhi uzothola izinto ezithile ezinhle ngaye. Kunjalo. Ngakho uNkulunkulu ukuyo yonke indawo, ufanele nje uqalaze ukuze uMthole.

136 Yingalesosizathu uJesu athi . . . Futhi ngiyakholwa uma unomuntu othile . . . Ungathanda noma ubani okuthandayo, kodwa ungabathanda labo abangakuthandi na? Lowo nguMoya kaKristu. Niyabo? Lapho labo beyokuphatha kabi futhi basho okubi ngawe futhi ngokusuka enhliziyweni yakho usalokhu ubathanda, khona-ke uyazi ukuthi usondela eMbusweni ngaleyonkathi. Niyabo? Ngakho Wathi, "Uma sithanda labo abasithandayo kuphela, sinamvuzo muni na?"

137 Ngakho-ke ngalubuka ukhozi oludala futhi ngaqaphela lawo amakhulukazi, amehlo ampunga lapho ayecwayiza. Futhi ngacabanga, "Awu, yini . . . ? Yini engangingayibona emesabayo uNkulunkulu ngalowomfo na? Uyingxenye yokudaliweyo. Awu,

yini engangingayibona emesabayo uNkulunkulu ngaye na?" Ngaqaphela ukuthi wayengesabi, futhi lowo nguNkulunkulu lapho, yedwa.

138 UNkulunkulu akanamsebenzi ngegwala. Uma wesaba ukuMethemba, ungenzi ngisho umzamo, uze weneliseke ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe futhi Uyasigcina isithembiso saKhe, khona-ke akukho lutho oluzokumisa. Kunjalo. Kodwa qiniseka ukuthi uyazi lapho omi khona, ngoba kuphela uzozenza ube mubi kakhulu.

139 Ngase-ke ngiluqaphela, ngacabanga, "Awungesabi na?" Ngangibeke isibhamu sami esikhulu sincike esihlahleni, ngathi, "Ngingadumela isibhamu sami futhi ngikudubule." Futhi lwavele lwahlala lapho, futhi ngaqaphela, "Ini...? Ngani, lona kanjalo...? Alwesabi ngani na?" Futhi ngaqaphela ukuthi lwalunamaphiko alo, lalilokhu liwezwa, ukubona ukuthi izimpaphe zonke zazihamba ngokuhlelekile yini.

140 Ngacabanga, "Yilokho-ke! UNkulunkulu ulunike amaphiko amabili, linokwethemba kuwo. Liyazi ukuthi belingaba kuleyomithi yamapulangwe ngaphambi kokuba ngifinyelelise isandla sami kulesosibhamu, futhi lunethemba eliphelele endleleni yalo yokuphunyuka oluyinikwe nguNkulunkulu." Futhi uma ukhozi, emhlabeni kaNkunkulunkulu nezulu, lungaba nokwethemba okwenele esiphiweni olusiphiwe nguNkulunkulu samaphiko alo, besifanele kakhulu kangakanani thina, bantwana bakaNkulunkulu, ukuba sithembele kuMoya oNgcwele, ngisho nakuba udokotela ethi uzobulawa ngumdlavuza, inqobo nje uma ungawezwa lawomandla kaNkulunkulu lapho, yonke into mayibe ngamanga neZwi likaNkulunkulu libe yiqiniso.

141 Ngalubhekisisa, ngacabanga, "Nakho la Ukhona Nkulunkulu, ngiyaKubona manje, ngoba alwesabi." UNkulunkulu uyalizonda igwala. Uthando luxosha ukwesaba, ngakho uma unothando, awunakwesaba. Akukho lutho... Ukwesaba akunalutho oluncinyane ngakho, akukho neyodwa into, kuzokuvimbela.

142 Wena uthi, "Awu, uma-ke uzodutshulwa ekuseni na? Ubungeke wesabe na?" Qhabo, mnumzane. Ukwesaba bekungeke kungisize, ukwesaba bekungenza kuphela ngibe mubi kakhulu. "Awu, ukukholwa bekungakwenzelani uma sebevele besayinile ukuthi uzofa ekuseni na?" Ukukholwa kungasayina ukuxolelwa kwami. Amen. Ngakho mangithathe ukukholwa.

143 Uma udokotela ethi uzobulawa ngumdlavuza, yilokho kuphela azi ngakho, yiba nokukholwa, futhi kuzokuguqulela isimo sakho. Uma ethi awusophinde uhambe, indoda ikhuluma iqiniso, yilokho kuphela ekwaziyo. Yilokho engakubuka, lokho enga...Ingahamba kuphela ngemizwa

yayo: ukuthinta, ukuhogela, ukunambitha, ukuzwa. Kodwa niyabo, ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, ubufakazi bezinto ongazithinti, uzinambithe, uzihogele, noma uzizwe. Ngukukholwa, uyakukholwa, ngumuzwa wesithupha, ngaleya kwemizwa emihlanu.

144 Khona-ke ngabuka lowomfo, ngacabanga, "O, ngiyakwazisa." Ngathi, "Nkulunkulu, ngiyaKubona kulolokhozi." Futhi lwangibuka isikhashanyana, lwathola ukuthi nganngingumngane walo, ngakho ngangingezukululimaza.

145 Futhi emva kwesikhashana, lwalulokhu lubuka ngaleya kuleyongwejeje yeshoba, futhi ngaqaphela ukuthi ingwejeje yeshoba yayi—yiyona eyaluthuka kabi kabi. Futhi lwanela yikho, ngakho lwavele lwagoba futhi lwabhakuza ngamaphiko alo, cishe ukubhakuza okubili lwaya ngaleya kwemithi yamapulangwe. Futhi ngaqaphela ukuthi lwenzani, angisoze ngakukhohlwa.

146 Lalelani, nina bacuphi, bazingeli, luyazi ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo. Futhi kwakukhona umoya ohelezayo wenyuka entabeni, njalo lapho kufika umoya ohelezayo, lwaluvele lugibele kuwo, kwakufika omunye umoya ohelezayo, lwalugibela luthi ukuphakama kancane, khona-ke omunye umoya ohelezayo wawufika, lwaluya phezulu kancane, aluzange lunyakazise uphaphe, lwalwazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo.

147 Futhi ngama futhi ngalubhekisisa lwaze lwaphuma lwayothi ngqu lwangabe lusabonwa. Ngama lapho nezinyembezi zehla ezihlathini zami. Ngathi, "Yilokho-ke, Nkulunkulu, lowo ngumqondo. Akusikho . . . " [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . futhi lwandiza lwahamba. O Nkulunkulu! Yilokho-ke.

148 Yazi nje ukuthi ubeka kanjani ithemba lakho eZwini laKhe futhi uthi Liyiqiniso. "UNkulunkulu EMhlabeni waKhe nezulu." Niyakholwa ukuthi Usemhlabeni waKhe nezulu na? Usezimbalini zaKhe. NingaMbona manje, engikuqondile, ekushoneni kwelanga, ukuphuma kwelanga, ekubambeni komhlaba, ukuphenduka komgudu welanga, konke lokho Ayikho na? Bengingathatha amahora, amahora, kuleyondaba eyodwa nje, "UNkulunkulu Emhlabeni waKhe nezulu."

149 Nginitshela ukuthini, ngikholwa ukuthi ninephepha cishe kabili ngeviki lapha eDawson, aninalo na? Manje, nivumela abahlaziyi bezindaba basho kusasa, kuza ikwindla yonyaka, futhi uzothi, "Kusasa isimo sezulu sizoba kahle, kuzoba kuhle futhi kufudumale kusasa." Futhi niyayibona leyongulube endala yensikazi isusa lawomakhoba ngasenyakatho yegquma, futhi iwaletha ngale ngaseningizimu yegquma, yazi kakhulu

ngalesosimo sezulu kunabo bonke abahlaziyi ezweni, ubheka isimo sezulu esibandayo.

150 Niyababona labonogwaja bebuyela emuva phezulu le phansi kwezinqwaba zevukuzi, nomphathi wezindaba uthi, "Kuzoba nesimo sezulu esikahle," ungakukholwa lokho, lilungiselela ukuna. Niyabo? Wazi kakhulu ngakho kunabo bonke abahlaziyi bezindaba abaziyo, ngoba unomqondo wokuzicabangela awuphiwe nguNkulunkulu. Uyingxenye yomhlaba kaNkulunkulu nezulu. "UNkulunkulu EMhlabeni waKhe nezulu."

151 Manje, "UNkulunkulu EZwini laKhe." Manje, ngizozama ukusheshisa ukuze sisheshise, sengishiywa yisikhathi. Lokho yinkathazo yami, ngikhuluma kakhulu, nginibamba isikhathi eside kakhulu. Kodwa ubhontshisi ngeke ushe, futhi uma ukwenza, sizofaka okunye futhi. Manje, lokhu ngu—lokhu nguKudla okudingayo kokuPhila okuPhakade.

152 "UNkulunkulu eZwini laKhe." Manje, iBhayibheli lasho ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyiMbewu umhlwanyeli ayihlwanyelayo. Manje, siyazi, nina balimi lapha, niyazi yini ukuthi lapho uhlwanyela imbewu, uma uhlwanyela ukolo, ngani, uyothela ukolo, uma ubekwa ekunakekeleni okufanele. Uhlwanyela i-othi, izoveza i-othi, ekunakekelweni kwayo okufanele. Awu, yilokho iZwi likaNkulunkulu eliyikho: Uma uthatha noma yisiphi isithembiso sikaNkulunkulu futhi usibeke esimweni sendawo esifanele, siyoveza khona impela esiyikho ekuPhileni kwakho.

153 Njengesikhukhukazi, ngokwejwayelekile, inqubo efanele ngukuthatha iqanda bese ulifaka ngaphansi kwesikhukhukazi, futhi siyochamusela inkukhu. Kodwa ubungathatha i—iqanda, yisimo sendawo esibalulekile, thatha leloqanda lesikhukhukazi elifanayo bese ulifaka ngaphansi ko—komdlwane, futhi uvumele umzimba womdlwane ugcine iqanda lifudumele, liyochamusela inkukhu. Niyabo? Yisimo sendawo.

154 Futhi leyo yinto efanayo okuyiyo lapha, kulentambama, yilokho engikukhulumelayo. Uma singathola uhlobo olukahle lwesimo sendawo saseZulwini, kukhona okuzokwenzeka, niyabo, isimo sendawo.

155 UNkulunkulu uyi . . . IZwi liyiMbewu. Manje, uthatha isihlahla esincane, njengesincane, uthatha, abaningi benu bantu banezingadi zezithelo, thatha isihlahla sama-aphula esincane, manje, bheka lokhu, bese ubeka lesosihlahla esincane sama-aphula njengesiliphu, sithi nje asibe sikhulu *kangako*, sivela embewini. Awu, benazi yini ukuthi lonke i-aphula eliyoke libe kulesosihlahla likuso ngayo leyonkathi na? Benikwazi lokho na?

156 Wena uthi, "Mangaki ama-aphula lesosihlahla esiyowaveza na?" Mhlawumbe ibhakede eliyikhulu namashumi amahlanu, ibhakede elingamakhulu amabili, ibhakede elingamakhulu

amahlanu empilweni yesihlahla. Kodwa manje, onke amabhakede angamakhulu amahlanu ama-aphula akuso lapho cishe kakhulu *kangako* nje. Uma kungenjalo, ngiyacela, ngitsheleni ukuthi avelaphi na? Niyabo? Likuso.

157 Manje, wenzani ngesihlahla na? Uyasibeka, usifake phansi emhlabathini, bese usitshala, bese-ke usinisela. Manje, senzani isihlahla esincane na? Isihlahla esincane sizofanele sidonse amanzi emhlabeni, futhi sizofanele siphuze, futhi siphuze, futhi siphuze, sizofanele siphuze ingxenye yaso. Futhi lapho siphuza, siqala ukufuqa kuphume, futhi emva kwesikhashana, sifuqela ngaphandle amagatsha, bese-ke sifuqa kuphume amaqabunga, bese sifuqa kuphume izimbali, bese sifuqa kuphume ama-aphula. Siyaphuza nje futhi sifuqe.

158 Futhi yileyondlela umKristu ayiyo. Sitshalwe kuKristu Jesu, okungukuthi, ekuhumusheni kwami, nguMthombo wokuPhila ongenakuqedwa. Futhi into kuphela esifanele siyenze, uma ugula, uma udinga okuthile, lapho uNkulunkulu ekugcwalisa ngoMoya oNgcwele, wena u, ngaMoya munye sonke sitshaliwe, sabhaphathizelwa eMzimbeni-munye, futhi into kuphela esifanele siyenze khona-ke ngukuphuza nje, siphuze, size sifuqele ngaphandle ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, izinkazimulo, futhi kususe ukukhathazeka okudala nokungabaza, futhi kukufuqele kude, futhi kungenise ukuPhila okusha, kuveze izithelo ezintsha zikaMoya. Phuza nje, uphuze; iNzalo.

159 Ngangino Mnu. Durney. Abanye babantu bakithi lapha bazokwazi ukuthi ngikushilo lokhu. Senyukela entabeni ukuyolanda imbuzi, futhi emgwaqeni ezansi, sidlula e—ekushiseni okudala noma okuthize. Futhi mina. . . Mayelana nebhere engangilibone ezansi lapho, ngiqagele niyalikhumbula, Mnu. Durney, ibhere elidala, ngathi, “Isikhumba salo sisinda kakhulu ukuba asithwale ehle ngaleyontaba.”

160 Futhi ngangimbuka ebusweni, futhi ngangithi ukukhathala kancane. Ngakho-ke lapho sekube yisikhathi eside sekuya ngasebumnyameni ngalobobusuku, ngaqaphela ukuthi sifika endaweni lapho ukusha kwakushiye i—izicupho ezimbalwa zimile, futhi zazingenalutho njengoba zazingaba njalo.

161 Futhi sasiphumule kancanyana, futhi—futhi ngacabanga lapho ukuthi. . . eya ehhashini, nomoya wavunguza, futhi lapho umoya uvunguza, umsindo osabekayo kakhulu wathi, “*Hhuu*!” Ngacabanga, “He, kubukeka njengamatshe amathuna, lena yindawo ekhandlayo.” Futhi ngacabanga, “Baba, kuyini lokhu na?”

Kungikhumbuza ngomunye umuntu ezama. . . Ngiyothi, “Ingabe ungumKristu na?”

“NgiyiPresbyterian.” “NgiyiBaptisti.” “NgiyiMethodisti.”

162 Niyazi ukuthi kuyini na? Nguwe ozama ukubambelela futhi ungene eZulwini ngokuba ngowenhlangano. Manje, leyonhlangano ilungile, kodwa khumbulani, ngaso sonke isikhathi lapho inhlangano iqubuka, uNkulunkulu uyayishiya. Awuyi eZulwini ngenhlangano, uya eZulwini ngaleMbewu kaNkulunkulu entsha izalwa enhliziyweni yakho. Kunjalo.

163 Futhi ngezwa lowomsindo odabukisayo, ngase ngithi, "Lena yindawo ekhandlayo ukuba kuyo, ngithemba ukuthi asibasi umlilo futhi sihlale lapha." Nenyanga yayiphumile, nalezozihlahla ezindala ezicwebezelayo kanjalo, Ngacabanga, "Akusiyo into embi kabi leyo na?" Endala, indawo efana namathuna, ekhandlayo. Lalithini na? "Sake saba ngabakhulu, amaphayini anyakazayo, kodwa umlilo wasishisa."

164 Futhi kungaleyondlela namhlanje. Lapho ngibuza, "Ingabe ungumKristu na?" abazi ukuthi kusho ukuthini ukuba ngumKristu, abantu abaningi.

Bathi, "O, ngiyiMethodisti." "NgiyiBaptisti." "NgiyiPentecostal." "NgiyiPresbyterian."

165 Lokho akuhlangene nangokukodwa nakho. Ngaphandle uma leyoMbewu encane ingene *lapha*, khona-ke ungaba ngowanoma yini oyifunayo, ungumKristu ozelwe ngokusha ngaleyonkathi, kodwa ngaphandle kwalokho, ulahlekile. UNkulunkulu uyiMbewu, iZwi laKhe liyiMbewu.

166 Ngaqaphela enye into, Mnu. Durney, uChris, ukuthi ngiqaphele lezozihlahla zephayini ezincane. Ngacabanga, "Awu manje, lokho yilawomahlelo amakhulukazi, athi, 'O, sake saba noJohn Wesley. Sake saba noMartin Luther. Sake saba noSankey, uFinney, uKnox, uCalvin.'" Kunjalo. Kodwa uyabona ukuthi unani manje na?

167 Lawomadoda ayekholelwa kuNkulunkulu, enza ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu nazo zonke izinhlobo zezimangaliso. Kunjalo. Kodwa manje, unani na? Ihlelo elinomoya okhandlayo uvunguza. Njalo uNkulunkulu ehlisa umoya ovunguzayo onamandla, njengoba Enza ngoSuku lwePhentekoste, niyazi ukuthi nithini na? "*Hhuu*! Ningaphumi niye kulokho, kungokukadeveli. *Hhuu*! Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. *Hhuu*! Sinakho kubhalwe ezivumwenikholo zethu, 'Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu.'" Kufile, akukwazi . . . akugobeki.

168 Manje, ngaqaphela-ke, ngaphansi kwalokho, kwakukade kukhona izimbewu eziwa kulawomashoba. Futhi uma wake wafundisisa amashoba, indlela kuphela angaphinda azikhiqize ngayo yilokho kushisa ukuba kwehle futhi kuvule lesosigaxa bese udedela imbewu iye emhlabathini, futhi nakhu kukhuphuka isizukulwane esisha, esinye isihlahla. Futhi

ngenkathi umoya uvunguza, labobafo abancane abazange babubule, bavele badlala emoyeni.

169 Ngacabanga, "Awu, Uwuvunguzelelisani umoya na?" Awu, niyabo, njalo lapho umoya uvunguza, unyakazisa isihlahla esincane, futhi udonsa izimpande, uyazixegisa ukuze yehle futhi ibambe kangcono. Futhi ngacabanga, "Yilokho-ke, Nkosi!" Ngacabanga, "UMnu. Durney uzocabanga ukuthi ngiyahlanya, kodwa ngizwa kuthi angigxumele phezulu kwelinye lalamagatsha lapha futhi ngigijima phansi naphezulu lapha, njengenye yalezozingwejeje, ngidazuluka nje ngephimbo lami lonke." Yilokho-ke.

170 "Sake saba neBandla elalikholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu." "Sake saba noMartin Luther." "Sake saba noJohn Wesley." Kodwa manje, uyini na? Isithombe esifile.

171 Kodwa ngaphansi kwakho konke lokho, malibongwe iGama likaNkulunkulu, sisenayo iMbewu kaNkulunkulu eveze elinye iBandla. Into ethize iveze iBandla elikholwa ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu ophilayo, futhi lapho uNkulunkulu ethumela lowo ovunguzayo, uMoya wePentecostal wehle, bayashwibeka nje futhi badlala kuWo. Wena uthi, "Ziluhlaza." Kodwa zinesikhathi esimnandi, futhi ziyakhula. Uma ziluhlaza, zinokuPhila. Uma ungeluhlazanyana, ngani, awunakuPhila.

172 UmNorway omncane, lapha esikhathini esingeside esedlule, uyangena futhi wasindiswa emhlanganweni. Wabuyela phezulu kubasi wakhe, wathi, "O, *Dory* ku*Dod*." Wathi, "Ayibongwe iNkosi, sengivele ngi*dote* uMoya o*Dhost*."

Ubasi wakhe wathi, "Ukhuluma ngani na?"

Wathi, "Nge—ngehlela esontweni futhi," wathi "uNkulunkulu unginika uMoya oNgcwele. *Kavulu*, *kavulu*, ngizizwa ngikahle *kavulu*."

Wathi, "Ufanele ube ngowakulesosigejane samanadi ezansi lapho."

173 Wathi, "Akadunyiswe uNkulunkulu ngamanadi." Wathi, "Uyazi ukuthini?" Wathi, "Uma ku. . .Uthatha njengemoto, uma ibingenamanadi kuyo, bekungaba yisixheke esikhulu *sento engasenamsebenzi*."

174 Yileyondlela! Uma singenakuba namuntu phakathi lapha onamandla okuqina enele, namandla enele, nokukholwa okwenele kuNkulunkulu ukuhlanganisa into ndawonye, yini esinayo ngaphandle komkhulu, udoti wehlelo! Kunjalo. Makudunyiswe uNkulunkulu ngamanadi ahlanganisa into ndawonye.

175 Njengoba ngishumayele kini izolo ebusuku, lapho umuntu ethola uMoya oNgcwele uziphatha ngokuhlanya noma

kanjani. Kodwa ukwenza lokho kuphela kubantu bezwe, kuNkulunkulu . . . UnguBaba okhazimulayo.

176 Bukani uDavide ngenkathi esina ezungeza umphongolo, nomkakhe ehlezi phezulu lapho, wathi, "Uyangiphoxa, i—ndlovukazi." Ngamany'amazwi, u . . . "Ngi—ngiyindodakazi yenkosi, futhi ubuphandle lapho futhi ugijima uzungeza, umemeza uzungeza lowomphongolo, usina kanjalo!"

UDavide wathi, "Awukuthandanga lokho na? Bheka lokhu!" Futhi ngokuzungeza, ngokuzungeza waphinde wahamba, wasina ngakulokho, wathi, "Kubheke lokho."

177 NoNkulunkulu wabuka phansi eseZulwini wayesethi, "Davide, wena ungumuntu wenhliziyo yaMi uQobo." Manje, kuya ngokuthi ungowenhliziyo kabani. Uma ungowenhliziyo yezwe, uyoziphatha njengezwe, kodwa uma ungowenhliziyo kaNkulunkulu, uyokwenza izinto izwe elingazi lutho ngazo. Inkohliso engaka, iqhubeka njalo njalo njalo.

178 "UNkulunkulu EMhlabeni waKhe nezulu." Uyakukholwa na? UNkulunkulu useZwini laKhe. Uyakukholwa na? Bhekisisani ukuthi Uligcina kanjani iZwi laKhe futhi aLiqinisekise. Bukani ukuthi Wamtshelani u-Abrahama, bukani ukuthi Wabatshelani abaphostoli, bukani ukuthi Wabatshelani abaprofethi, bukani ukuthi Wethembisa kanjani ngalolusuku. UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu; UNkulunkulu useZwini laKhe.

179 Manje "UNkulunkulu ENdodaneni yaKhe." Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe na? Manje, sifanele siphuthume. "UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe." Niyakukholwa lokho na? Ukuphawula okukodwa kokuthi "UNkulunkulu ENdodaneni yaKhe," ukuze sizophuthuma.

180 Bengikhuluma nowesifazane, esikhathini esingeside esedlule, ongowebandla elingakholwa ukuthi uJesu wayengonobuNkulunkulu. Ukholwa ukuthi Wayengumuntu ojwayelekile nje, umprofethi, noma okuthize, kodwa wayengesuye onobuNkulunkulu.

181 Kuphakathi kokuthi wayenguNkulunkulu noma umkhohlisi omkhulu kunabo bonke izwe elake laba naye. WayenguNkulunkulu, uNkulunkulu ebonakaliswe emzimbeni obizwa ngoJesu, iNdodana yaKhe, hhayi nje umuntu, hhayi uthisha, isazi sokudabuka kwezinto, kodwa WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni.

182 UThimothewu wokuQala 3:16 wathi, "Kuvunyiwe ukuthi inkulu imfihlakalo yokukhonza uNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, wabonwa yiziNgelosi, wemukelwa phezulu eZulwini." Awu, impela, WayenguNkulunkulu.

Futhi lelinenekazi lathi, "Mnu. Branham, ngiyakujabulela ukushumayela kwakho, kodwa," wathi, "kunephutha elilodwa nje engilithola kuwe."

183 Ngathi, "Ngiyabonga! Uma nje ungathola iphutha elilodwa, lokho kuhle kakhulu." Ngase ngithi, "Sengiwatholile ayizinkulungwane eziyishumi zezigidi zawo, mhlampe abantu uthole angaphezu kwalokho." Ngathi, "Uma nje uthola elilodwa, ngi—ngiyakubonga ngalokho kuphawula."

Wathi, "Kodwa uma nje ungasusa lelo."

Ngase ngithi, "Kuyini, nenekazi na? Ngingakwazi na? Uma ngisondele kangako ekubeni ngibe 'kahle,'" ngathi, "Mina, mhlawumbe ngingakususa lokho."

Wathi, "Uqhosha kakhulu ngoJesu." O!

Ngathi, "*Ini*?"

Wathi, "Uqhosha kakhulu ngoJesu."

184 Ngathi, "Angikwazanga ukuqhosha ngokwenele ngaYe, Dadewethu." Ngathi, "Ukuba benginezilimi eziyizinkulungwane eziyishumi, bengingeke ngiMdumise ngokwenele. Ulufanele lonke udumo."

Wathi, "Kodwa umenza abe ngonobuNkulunkulu."

"Awu," ngathi, "WayengonobuNkulunkulu."

Wathi, "Wayeyindoda nje, Mnu. Branham. Wayenguthisha omuhle, isazi sokudabuka kwezinto, kodwa wayengesuye onobuNkulunkulu. Umenza abe ngonobuNkulunkulu."

Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu."

Futhi wathi, "Awu, uma ngizo. . .Uthe wawungoqavile, wahlala neZwi."

Ngathi, "Yebo, Memu."

Wathi, "Uma ngizokukhombisa eZwini lapho iBhayibheli likhombisa ukuthi akasuye onobuNkulunkulu, uzokwemukela na?"

Ngathi, "Yebo, Memu, kodwa ungeke wakwenza. Kodwa ngingumnumzane ohloniphekile, umKristu ngokwenele ukukulalela."

185 Futhi wathi, "Ngingakufakazisa kuwe." Wathi, "Thatha uJohane oNgcwele isahluko 11." Wathi, "Ngenkathi uJesu ehla ukuyovusa uLazaru, iBhayibheli lathi wakhala izinyembezi."

Ngathi, "Impela. Ngani na?"

"Ngani," wathi, "lokho kwakhombisa ukuthi wayengesuye onobuNkulunkulu."

Ngathi, "Ngabe lowo ngumBhalo wakho na?"

Wathi, "Yebo, yiWo."

186 Ngathi, "Dadewethu, lokho kuzace kunesobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawa yindlala." Ngathi, "Uma kuyilokho kuphela onakho! He! O," ngathi, "awuqondi na? Wayeyikho kokubili uNkulunkulu nomuntu, uNkulunkulu wayekuYe."

Futhi wathi, "Ubengakhala kanjani izinyembezi uma ubengonobuNkulunkulu na?"

187 Ngathi, "Kulungile, asiqhubeke nendaba. Ngizovuma ukuthi WayenguMuntu, kodwa WayenguNkulunkulu-Muntu." Ngathi, "Waya ethuneni likaLazaru, Wakhala izinyembezi njengomuntu. Kodwa ngenkathi Ema lapho futhi wahlanganisa lawomahlombe amancane, 'Lazaru, phuma,' nendoda, kwase kunezinsuku ezine ifile, ikhala layo lase livele liwele phakathi, izibungu zesikhumba zidla emzimbeni wakhe, umphefumulo wakhe wawuwuhambo lwezinsuku ezine ndawondawo . . .

188 "Angazi, futhi angikholwa ukuthi nawe uyazi, kodwa umphefumulo wakhe wawususukile kuye izinsuku ezine, umzimba wakhe, ukubola kwase kungenile, futhi Wathi, 'Lazaru, phuma,' futhi umuntu owayesenezinsuku ezine efile wema ngezinyawo zakhe wabuye waphila." Mfowethu, lokho kwakungaphezu komuntu ukwenza lokho, lowo kwakunguNkulunkulu kuMuntu.

189 Impela, WayenguMuntu ngenkathi Ehla entabeni ngalolosuku, elambile, eqalaza ezihlahleni ukuba athole amakhiwane ukuba awadle, Wayelambile; Wayelambile njengomuntu. Kodwa ngenkathi Ethatha amabheskidi amancane amahlanu nezinhlanzi ezimbili futhi wapha abantu abayizinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu kuMuntu Owayengahlephula lesosinkwa futhi andise izinkwa futhi apheke izinhlanzi, akhiqize. Kunjalo. Wayengaphezu komuntu.

190 Futhi kuyiqiniso, WayenguMuntu ngenkathi Elele phandle lapho kulesosikebhe ngalobobusuku, lesosiphepho sikhuphuka, odeveli abayizinkulungwane eziyishumi basolwandle bafunga ukuthi babezoMminzisa, Wayekhathele kakhulu ngokubona imibono futhi ekhulekela abagulayo. Nesikebhe esidadlana, njengesivalo sebhodlela phandle lapho, sigxumagxuma phansi naphezulu, udeveli ethi, "Simtholile manje, ulele."

191 WayenguMuntu ngenkathi Ekhathele, elele, kodwa ngenkathi Ebeka unyawo lwaKhe entanjeni yesikebhe futhi wabheka phezulu wayesethi, "Thula, uthi du," nemimoya namagagasi kwaMlalela, lowo wayengaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma ngalowoMuntu.

192 WayenguMuntu ngenkathi Ekhala eKalvari, "Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?" WayenguMuntu ngenkathi Ekhalela umusa, kodwa ngalolosuku lwesithathu, ngenkathi Ephula

izimpawu zokufa, isihogo, nethuna, futhi wavuka, Wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu.

193 Akumangalisi izimbongi. . . Kufake ugqozi impilo yazo zonke izimbongi noma wonke umbhali owake wabhala iculo. Noma yimuphi umuntu owake wafinyelela egqumeni likabhontshisi wakukholwa lokho ukuthi kuyiqiniso.

U-Eddie Perronet, ngenkathi esesikhathini sakhe esikhulu, futhi babemhlupha, wabhala iculo:

> Bayede mandla eGama likaJesu!
> IziNgelosi maziwe zilale phansi;
> Zilethe umqhele wobukhosi,
> Futhi ziMthwese umqhele iNkosi yakho konke.

Omunye wabhala:

> Bayede mandla eGama likaJesu!
> IziNgelosi maziwe zilale phansi;

O, he! Ubungakwenza kanjani . . . ?

> Ngimi, kuKristu, iDwala eliqinile;
> Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo.

Bengizothini na? UFanny Crosby omdala oyimpumputhe, ucabangeni ngakho wena na? Wathi:

> Mawungangedluli, O Msindisi omnene,
> Yizwa ukukhala kokuzithoba kwami;
> Lapho Ubabiza abanye,
> Mawungangedluli.
>
> Ngokuba Wena uMfudlana wenduduzo yonke yami,
> Ungaphezu kokuphila kimi,
> Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
> Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

Makube noma kungaba yini, iKherubi, noma unkulunkulu, "Ubani oseZulwini ngaphandle kwaKho na?"

Futhi omunye wathi:

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
> Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
> Ngolunye usuku Uyeza—o, usuku oluyinkazimulo kanje pho!

Yithemba leBandla: uNkulunkulu eNdodaneni yaKhe, ebuyisana nezwe kuYe uqobo.

194 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? UNkulunkulu useZwini laKhe; UNkulunkulu useNdodaneni yaKhe. Manje, "UNkulunkulu Ebantwini baKhe," futhi sizo . . . ukuvala.

NingaMbona emhlabeni waKhe nezulu na? NiyaMbona eZwini laKhe na? NiyaMbona eNdodaneni yaKhe na? Manje, ake siMbuke kubantu baKhe.

195 UNkulunkulu uhlala nabantu baKhe, emva kokuba sebefile Usalokhu enabo. Kwakukhona indoda endala, cishe eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, eyayinokuphindwe kabili phezu kwayo, igama layo lalingu-Elisha. Yayinomoya ka-Eliya, owawungumfanekiso, u-Eliya iBandla, no-Elisha, noma, u-Eliya uKristu, no—no-Elisha iBandla, nokuphindwe kabili phezu kwakhe.

196 Futhi wayesefile futhi kwase kuyiminyaka efile, namathambo akhe ayelele ethuneni. Futhi babethatha umuntu ngesinye isikhathi ukuba bamumbele, nesitha sasiza, futhi baphosa lomzimba ofile emathanjeni aleyondoda emesabayo uNkulunkulu, futhi yavuka yaphila futhi.

197 "UNkulunkulu Ebantwini baKhe." Uyazi ukuthi onke amathambo akuphi. Uyazi ukuthi umama umbelwe kuphi, Uyazi ukuthi ubaba umbelwe kuphi, Uyazi ukuthi ugogo nomkhulu umbelwe kuphi. UnguNkulunkulu, futhi Ukubantu baKhe, impela Unguye.

198 Kwakukhona oyedwa ogama linguPawulu, futhi bathatha emzimbeni wakhe amaduku noma izindwangu. Indoda emesabayo uNkulunkulu, eyayingumprofethi weNkosi, nabantu bakukholwa kakhulu, baze bathatha emzimbeni wakhe amaduku futhi bawathumela kwabagulayo, nemimoya emibi yabashiya abantu. Kusuka emzimbeni womuntu! "UNkulunkulu kubantu baKhe."

199 Kwakukhona umdobi omdadlana, engazi kakhulu ngangokuthi wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo, iBhayibheli lathi, yiZenzo isahluko 3, ukuthi wayeyindoda engazi nengafundile, egama linguSimoni Petru. Wayengenamfundo, kungekho usuku lokufunda esikoleni. UNkulunkulu wayekuye kakhulu abantu baze baqaphela ukuthi uNkulunkulu wayekuye. Balala esithunzini sakhe (O Nkulunkulu!) futhi baphulukiswa. "UNkulunkulu kubantu baKhe." Uyakukholwa lokho na?

200 Kwakukhona abantu abayikhulu namashumi amabili emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, bakhwela ekamelweni eliphezulu ukuba balinde. Babengamagwala, bavala amawindi. Babesaba amaJuda, babesaba ukwenza ubufakazi, ngakho bacasha izinsuku eziyishumi ekamelweni eliphezulu.

201 Futhi khona manjalo, kwavela eZulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla, yagcwalisa lonke ikamelo lapho ababehlezi khona. Bavula imigoqo emawindini, base bevula iminyango, basho bangena emgwaqeni, beshumayela iVangeli ngezinye izilwimi. Kwakuyini na? UNkulunkulu kubantu baKhe.

202 UJesu wathi, "Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina. Ngoba Ngiyaphila, nani ningaphila. Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza, emininigi kunale niyakuyenza, ngoba Ngiya kuBaba waMi." Futhi Wathi, kuJohane oNgcwele 5:19, "Angenzi lutho ngize Ngibone uBaba ekwenza kuqala."

203 Nanilapha ngobunye ubusuku ngenkathi ngishumayela ngalokho. UJesu, Wazazisa kanjani Yena uqobo njengoMesiya na? Ngoba Wayekwazi ukubona imicabango yabo, futhi abatshele ukuthi yini eyayingalungile ngabo, nalokho ababekwenzile, nokunye nokunye kanjalo, neBhayibheli ngokusobala lisho ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. "UNkulunkulu kubantu baKhe." "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza."

204 Owesifazane, onesimilo esibi, uza emthonjeni ukuzokha amanzi, futhi nakho kuhlezi iJuda, Lathi kuye, "Sifazane, Ngiphuzise," lixhumana nomoya wakhe. Kwenzekani na?

"Ngiphuzise."

Futhi wathi, "Akusilo isiko kini maJuda ukucela thina bantu baseSamariya into enjalo."

205 Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi." Kwenzekani na? Wathola inkathazo yakhe, sonke siyazi ukuthi kwakuyini. Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

206 Wathi, "Usho iqiniso ngempela. Ngoba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho." Manje, Washo iqiniso. Wathini na?

"Ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi lapho uMesiya efika, Uzozenza lezizinto. Kodwa Wena Ungubani na?"

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe." Isibonakaliso sikaMesiya.

207 Wagijimela emzini wayesetshela amadoda omuzi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele ukuthi nganginigubani, engikwenzile. Lona kungebe nguye impela uMesiya na?" Ini? Leyonto efanayo eyaprofethwa ngezinsuku zokugcina ukubuyela futhi eBandleni, ngaphambi nje kwesikhathi sokuphela!

208 O, ngiyazi sinokulingisa kwenyama kwakho, ngiyazi sinalabo abenza njengakho futhi bazenze sengathi yibo, kodwa khumbulani, kuthatha i—idola-mbumbulu ukwenza elangempela likhanye kahle. Futhi sifanele sibe ngowangempela ngaphambi kokuba kube khona ombumbulu. Amen. He, ngizizwa ngikholwa khona manje. Yebo, kunjalo, ngoba uNkulunkulu ukubantu baKhe. Niyakukholwa na?

209 Uma uNkulunkulu esemhlabeni waKhe nezulu thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UNkulunkulu useZwini laKhe; UNkulunkulu useNdodaneni yaKhe; uNkulunkulu ukubantu baKhe. Manje ake sibone ukuthi Ukhona yini. SiyaMbona emhlabeni waKhe nezulu, iZwi, kanjalonjalo, ake sibone ukuthi Ukubantu baKhe yini.

210 Ngethembise ukukhulekela abantu lapha kulentambama. Manje, mina ukukhuleka kungahle kukusize, ngijoyina ukukholwa kwami nje kanye nani. Kodwa, mfowethu, uze ukholwe ukuthi uNkulunkulu ulapha kubantu baKhe, uze ubone yena lowoNkulunkulu esikhulume ngaye eZibonakalisa khona lapha phakathi kwabantu baKhe . . .

211 Ubengakwenza kanjani uma Efika lapha na? Uma uJesu eme lapha kulentambama nalesudu Angipha yona, futhi ubuyokwenyukela kuYe bese uthi, "Nkosi Jesu, ngiyagula. Uzongiphulukisa na?" Niyazi ukuthi amazwi aKhe abeyoba yini na? "Sengivele ngikwenzile lokho, Mntanami." Wakwenza lokho eKalvari. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Kuyiqiniso. Wakwenza eKalvari.

212 Khona-ke Ubeyokwenzani na? Ubeyothi, "Anikholwa yini ukuthi Ngalinyazwa ngenxa yeziphambeko zenu, nangemivimbo yaMi niphulukisiwe na?" Manje, Wayengafakazisa ukuthi WayeyiNkosi uJesu, Wayengakwenza. Wayezokwenza kanjani na? Ngokukhombisa ukuthi WayenguMesiya. WayeyiNkosi.

213 Babekwazi kanjani ngalezozinsuku, WayeyiNkosi na? Ngoba Wakhombisa isibonakaliso somprofethi nawo wonke umuntu wakholwa ukuthi Wayenguye. Manje, akubanga yiminyaka eyizinkulungwane ezimbili, kuze kube yilolusuku lokugcina esiphila kulo, futhi siyakwazi.

214 Manje, uma uJesu ezofika kulentambama futhi enze zona impela izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, uzokholwa ukuthi Uphakathi kwabantu baKhe futhi uzoMemukela na?

Asikhothamise amakhanda ethu.

215 Nkosi enomusa, siyakhuleka kulentambama manje. Ngibe mude kakhulu, ngikhuluma kubantu, ngoba angazi ukuthi ngiyophinde ngilithole nini ithuba futhi. Manje, ngikukhuphulele lapha, Nkosi, ukuthi Usemhlabeni waKho nezulu, eZwini laKho, Usezimbalini zaKho, Usendalweni yaKho, UseNdodaneni yaKho, futhi manje, ngikulethe kubantu baKho.

216 Futhi manje, Baba, angikwazi ukuqhubekela phambili kunalokhu, kuthatha Wena kusukela manje kuqhubeke. Ngikhulekela ukuthi Uzosiza futhi uzoqinisa iZwi laKho ngezibonakaliso ezilandelayo, ukuze lababantu bazi ukuthi Wena unguKristu, ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, futhi siyizinceku zaKho.

217 Futhi uma ngenhlanhla kubekhona umuntu lapha ongesilo ikholwa, kwangathi bangaKwemukela njengoMsindisi wabo oqondene nabo. Uma kukhona labo lapha abajoyina ibandla nje futhi akazi ukuthi kusho ukuthini ukuba seBukhoneni bukaKristu oPhilayo imini nobusuku, kwangathi bangakwemukela kulentambama.

218 Phulukisa wonke umuntu okhona, Nkosi. Impela, uma loNkulunkulu ofanayo engikhulume ngaye EngaZikhombisa ukuthi Uyaphila lapha, futhi sibona abalingiswa beBhayibheli. . .

> Izimpilo zamadoda amakhulu zonke ziyasikhumbuza, (kwasho imbongi,)
> Singenza izimpilo zethu ziphakame kakhulu,
> Ngokuhlukana, shiya ngemuva kwethu
> Amanyathelo ezihlabathini zesikhathi.
>
> Izinyathelo ukuthi mhlawumbe omunye,
> Ngenkathi sintweza phezu kwesisekelo esibalulekile sempilo,
> Nomfowethu odabukile nophukelwe ngumkhumbi,
> Ekuboneni, uyakuthatha inhliziyo futhi.

219 O Nkulunkulu, masibe yizinceku zaKho kulentambama. Woza manje, Baba. SiyaKubona emhlabeni waKho nezulu, naseZwini laKho, eNdodaneni yaKho, manje woza futhi uzibonakalise Wena uqobo uphila phakathi kwabantu.

220 Futhi lapho sisuka kulesisakhiwo namhlanje, ukuba siye emakhaya ethu ehlukene, kwangathi okwethu. . . sisho njengalabo ababevela e-Emawuse. Babehambe naWe usuku lonke emva kokuvuka, kodwa abaqondanga ukuthi kwakunguWe. Abaningi lapha, Nkosi, baKukhonzile, futhi Ubagcinile ezinkathazweni nezinto, nje, futhi mhlawumbe abaqondanga ukuthi kwakunguWe.

221 Kodwa ngalobobusuku, ngenkathi ilanga seliyoshona, njengoba linjalo manje, Wama endlini yezihambi encane, futhi baKumema ukuba uhlale nabo. Bona. . .Wenze sengathi Uyoqhubeka, ubedlule, kodwa baKucindezela. Futhi kwangathi abesilisa nabesifazane lapha namhlanje, benze into efanayo, baKucindezele, "Ngena uhlale nathi, Nkosi." Kwase kuthi-ke ngenkathi Ungena ngaphakathi futhi wavala iminyango, Wenza into ethize njengoba Wenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho. Babazi ukuthi Leyo kwakuyiNkosi uJesu, ngokuba akekho owayengenza njengoba Enza.

222 Manje, Baba, ngiyakhuleka, ukuthi eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uzoza phakathi kwethu manje futhi ufakazise ukuthi lezizinto engizishilo ngeZwi laKho, nangaWe ziyiqiniso. AsiKubone wenza izinto kulentambama, njengoba Wenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, khona-ke siyazi ukuthi

uJesu uvukile kwabafileyo futhi uphila kuze kube phakade, futhi Uphila phakathi kwabantu baKhe.

223 Kuzonika abantu ithemba kubantu baKho, Nkosi. Kuyokwenza abesilisa nabesifazane babe nokuzethemba ngemikhuleko yabo neziyalo zabo zokuthi bahlangane kanjani naWe. Siphe khona, Baba. Sizinikela kuWe neZwi, eGameni leNkosi uJesu.

224 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, bangabakhona yini labo lapha kulentambama abangakaze bamamukele uKristu njengoMsindisi, ngaphambi kokuba ubone into eyodwa yenziwa, ubungathi, "Ngikhumbule emikhulekweni yakho, Mfowethu Branham, manje sengiyakholwa"? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

225 Makuthi lelinenekazi . . . Woza khona lapha nje, nenekazi. Manje, nakhu lapho konke engikushumayelile nakho konke iBhayibheli elikushoyo, kukhona okumele kwenzeke, kukhona okumele kwenzeke noma uNkulunkulu utholakala engufakazi wamanga weZwi laKhe uQobo. Niyabo? Kunjalo.

226 Manje, kinina bantu eningakholwa ukuthi uJesu mkhulu nje njengoba Wayelokhu enjalo: Manje, kuthiwani ngalokhu na? Nansi inkundla yeBhayibheli. Ngifuna nifunde uJohane oNgcwele 4, lapho owesilisa nowesifazane bahlangana khona okokuqala. Sihlangana okokuqala, ngabe lokho . . .? Ukuze izethameli zibone, phakamisa isandla sakho nje, ukuze sobabili . . . NeBhayibheli lilele lapha, lokhu kungokokuqala kwethu ukuhlangana.

Uzele ini lapha na? Yini indaba ngaye na? Umeleni lapha na? Angazi, angikaze ngimbone. Lokhu ngukuhlangana kokuqala nje.

227 Manje, Mnu. Durney, ngifuna ukubone lokhu. Nginitshelile entanjeni yokucupha yokuthi uNkulunkulu wethu wayenguNkulunkulu. Yima nje ngqo lapho okhona lapho umzuzu nje, yima lapho.

228 Nanti inenekazi engingakaze ngilibone empilweni yami, Angazi lutho ngalo, angikaze ngilibone, liyisihambi ngokuphelele. Manje, uma uMoya oNgcwele uzongembulela ukuthi yini engalungile ngowesifazane, khona-ke lokho kuzofanele kuvele komunye umthombo wokomoya, ngoba isidalwa esingumuntu besingeke sikwazi lokho. Niyakhumbula nginitshela phandle ekamu lenu ngalobobusuku na?

229 Niyakhumbula ngobusuku esathola ngabo izindaba, amaPhoyisa aseMount angibiza, futhi ngangingazi ukuthi kwakuyini indaba, ngacabanga ukuthi umfana wami wayewele ebhanoyini noma okuthize, wayesesikoleni, futhi ngalobobusuku iNkosi yembula kimi ukuthi kwakungekho lutho olungalungile ekhaya? Lokho—lokho kwakusemuva

ekamu lakho. Manje, Lowo nguNkulunkulu ofanayo okhona lapha manje. Nakhu, naphambi kwenu.

230 Angikaze ngimbone empilweni yami. Manje, uma nonke nina bantu phakathi lapha nikwazi ukuthi be-. . .Mina, lona wesifazane nami, phambi kweZwi likaNkulunkulu, wethembisa ukuthi thina lapha phambi kukaNkulunkulu, asikaze sihlangane ngaphambilini empilweni yethu.

231 Manje, angahle ukuba uyagula, angahle abe nenkathazo yasekhaya, angahle abe nenkathazo yezezimali, angahle ukuba akalungile kuNkulunkulu, angaba ngumuntu onegama elibi, angahle abe ngongcwele kaNkulunkulu, angazi lutho ngaye, umi lapha nje.

232 Manje, uma lokhu kungesiyo impela into efanayo eyenzeka kuJohane oNgcwele 4, ngenkathi uJesu ehlangana nowesifazane emthonjeni! Ngabe kunjalo na? Bangaki abazokuvuma lokho na? Kunjalo.

233 Manje, uJesu watshela owesifazane ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, futhi wathi kwakuyi, leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. NoMesiya unguKristu. Bangaki okwaziyo lokho na? Kulungile. Khona-ke uma Lowo kwakunguMesiya izolo, noJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi khona-ke mina, ngiyindoda, bengingeke ngimazi, khona-ke Kuzofanele kube nguMoya oNgcwele, uMesiya, okusho ukuthi OGcotshiweyo, uzofanele embule kuye ukuthi lokho kuyini.

234 Bangaki owaziyo ukuthi Wayibona imicabango yabo futhi wazi konke ngabo na? Kunjalo. Manje, leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Nizokholwa nonke na? Makabe ngumahluleli.

235 Manje, uma ngenyuka ngase ngithi, “Nenekazi, uyagula, ngibeka izandla zami phezu kwakho, haleluya, uzosinda,” leyo yindlela enhle yePentecostal, nalokho kulungile futhi, kulungile impela, kodwa uyoba nelungelo lokungabaza, ngoba ubengeke azi noma ngabe ngathunywa ukuba ngenze lokho noma qha.

236 Kodwa manje, ukuba-ke uMoya oNgcwele ubuyela emuva futhi umtshela okuthile okungalungile, into ethize ayenzile, into ethize azokwazi ukuthi iyiqiniso noma qha na? Khona-ke lokho. . .Uma Azi ukuthi kwakuyini, lokho kufakazisa ukuthi Uyazi ukuthi kuzoba yini. Ngabe kunjalo, bazalwane na? Niyakukholwa lokho na? Inselelo enje pho! Ngikubonile lokhu kwenzeka phambi kwabantu abayingxenye yesigidi ngesikhathi esisodwa.

237 Manje, bengishumayela kanzima, wugcobo olwehlukile, ngakho-ke ngizodingeka ngikhulume nowesifazane umzuzwana nje ukubona ukuthi yini. . .ugcobo luzofika. Kodwa makabongwe uNkulunkulu, nakhu. Uma noma ubani oke wasibona lesosithombe seNgelosi yeNkosi, asibone izandla zenu ziphakama. Impela. Sinelungelo lobunikazi emhlabeni wonke.

238 Lokho kuKhanya okufanayo, iNsika yoMlilo, eniyibona kulesosithombe, isayense esihlolisisile (UGeorge J. Lacy, inhloko yeFBI, wasihlola, wathi, "UkuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya Mnu. Branham. Leloso lomshini wokuthwebula izithombe ngeke layithatha injulamqondo."), lokho kuKhanya kulenga phakathi kwami nowesifazane. NgoSuku lokwaHlulelwa, niyobona ukuthi lokho kuqinisile. Anikuboni *Lokho* na?

239 Owesifazane uyahlehla esuka kimi. Inenekazi liphethwe yisimo sokwethuka okukhulu kakhulu, futhi linezinkinga zokomoya ezilikhathazayo. Kunjalo, kunjalo na? Uma lokho kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho.

240 Manje, uyakholwa na? Manje, lowo ngokuba ngomunye umuntu angahle ukuba uthe, "Ukuqagelile lokho, Mfowethu Branham," ake ngikhulume naye kakhudlwana. Ungumuntu okahle nogcobo luphezu kwakhe. Ake ngisho lokhu kini: Angimazi owesifazane, angikaze ngikhulume naye kuze kube manje nje. Kodwa lowo wesifazane uyazi ukuthi kukhona okukuye khona manje, omnandi ngempela, umuzwa ongcwele. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi.

Manje, ungowaseCanada lapha kanye nani. Niyabo, ngiKubuka ngqo. Lokho . . . Akusikho ukubenyezela, Kungukukhazimula, ukuKhanya kwesimaragidu, khona impela macala onke e wo- . . .

241 Wena uthi, "UKubona kanjani futhi mina angikuboni na?" Awu, ngelinye izinga.

242 UPawulu wayibona kanjani leyoNsika yoMlilo ezansi lapho, nabo lapho kanye naye abayibonanga na? Niyabo? Isazi sayibona kanjani inkanyezi eyabaholela kuJesu, futhi akukho mhloli owake wakubika na? Inkanyezi eyimfihlakalo esibhakabhakeni iminyaka emibili, akukho-muntu owayibona ngaphandle kwezazi, ngoba kwakuyizo kuphela ezaziyifuna.

243 Manje, angazi ukuthi yini enginitshele yona, indlela kuphela engiyaziyo ikuleyoteyipu ezansi *lapho*, kodwa noma yini Eyayisho yayiqinisile. Manje, ake sibone futhi: Yebo, ukwethuka, inkathazo yakho ifika ikakhulukazi ngalesisikhathi sosuku, sekuhlwile lapho ukhandleke ngempela, ukhandlekile, unomuzwa oxakile ngempela, imizwa ekhandlayo iza kuwe. Kunjalo. Uthola ukwethuka kanye ngasikhathi bese uqathaza izinto.

244 Esikhathini esingeside esedlule, wawumi eduze kwefasitela ngenkathi ilanga lishona, uzizwa unokwethuka ngempela, uhlikihla isandla sakho. Lelo yiqiniso. Bengingazi kanjani lapho obumi khona na? Bengingazi kanjani ukuthi wenze lokho na? Ngaphambi kokuba uze emhlanganweni, ukhuleke kuNkulunkulu ukuthi uzothola ikhadi lomkhuleko. Ujabule

kakhulu ngenkathi ulemukela, lowo ngu-ISHO KANJE INKOSI. Lelo yiqiniso.

245 Nansi enye into: UNkulunkulu ungitshela ukuthi enhliziyweni yakho, ukhulekela omunye umuntu, lowo ngumngane ofayo, onomdlavuza. Abahlali lapha, bahlala eFort Saint John, nomuntu usibekelwe yithunzi elimnyama, lowomuntu uyisoni, ebulawa ngumdlavuza, ISHO KANJE INKOSI.

246 Ngabe lezozinto ziyiqiniso na? Phakamisa isandla sakho. Manje ngabe likhona ithunzi lokungabaza engqondweni yakho na? Ngabe UnguJesu Kristu na? Ngabe uNkulunkulu uphakathi kwabantu baKhe na? Uyakholwa, Dadewethu na? Thatha leloduku elifanayo uhambe nalo, ulibeke kumuntu futhi ungangabazi, uJesu Kristu uzomphilisa. Hamba, ukholwe.

247 Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? Noma yimuphi umuntu angamtshela kanjani umuntu ukuthi bangobani, nokuthi bavelaphi, ukuthi benzeni ngaphambi kokuba beze lapha, nalokho abakwenzile emavikini amabili noma amathathu edlule, nalokho abanakho engqondweni yabo, nokuthi bakhulekela bani, ngaphandle kukaNkulunkulu uSomandla na?

Manje, ngabe lokho kuyiqiniso, bazalwane na? Ngifuna nazi ukuthi uKristu uyaphila.

248 Uyakholwa, Mnu. Durney na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke kwemukele. Hamba, uhlale phansi futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho nenkathazo yakho isiphelile. UNkulunkulu akubusise. Ngifuna eyakhe . . . Amen.

249 Ngibone lelothunzi liza phezu kwendoda. Kholwa eNkosini, Mnu. Durney, Memukele njengoMsindisi oqondene nawe, ungangabazi, futhi ngizohlangana nawe laphaya kulowoMzila omkhulu weziMyamazane.

250 Ngiyisihambi kuwe, nenekazi. Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi, lelo yiqiniso, akunjalo na? Uyakholwa uma uNkulunkulu engembula kimi ukuthi yini engalungile kuwe ukuthi uzokukholwa njengento eqondene nawe na? Ngakho abantu bazokwazi ukuthi siyizihambi, asiphakamise izandla zethu nje *kanje*.

251 Anginalwazi, ubukeka ungolungileyo, owesifazane ophilile kimi. Kodwa uhlushwa yisimila, nalesosimila sibangela ezinye izitho zomzimba ukuba zingasebenzi, lokho yinso yakho nesinye. Lelo yiqiniso. Uyakholwa na? Kulungile. UJesu Kristu uzokusindisa. Hamba, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

Uyakholwa manje na? Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi.

252 Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Awukho lapha ngesingawe, uzele umyeni wakho. Uyindoda engasindisiwe

futhi uyamkhulekela. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Hamba, ukholwe.

253 Niyazi ukuthi induna yekhulu engumRoma yathini, njengoba ngishilo, "Kholwa eNkosini uJesu Kristu, khonake wena nendlu yakho niyakusindiswa." Kanjani...? Ngabe lokho kwakuchaza ukuthi ngoba wayekholwa, indlu yakhe yayizosindiswa na? Qhabo. Uma enokukholwa okwenele yena uqobo, angaba nokukholwa okwenele indlu yakhe. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho futhi wena nesithandwa sakho nizohlala ndawonye kuleloParadesi likaNkulunkulu ngaphesheya komfula. UNkulunkulu akubusise. Hamba futhi wemukele lokho okucelile.

254 Manje niyabo, yonke into iqala uku, iphuphuthekisa kimi. Niyabo? Ngithola, kul'khuni nje ukubona izethameli ngalesisikhathi. Hloniphani ngokuzithoba manje, nihloniphe ngokuzithoba ngempela.

255 Angikwazi, nenekazi. Manje, konke lokho kushumayela, cishe amahora amabili, futhi nokho akuzange kungifiphalise nakancane, kodwa bukani nje, cishe nje imibono emithathu noma emine nokuthi kwenzeni kimi manje, ngilahla phansi nje. Niyabo?

256 Bangaki owaziyo ukuthi uJesu, owesifazane wathinta ingubo yaKhe futhi Webona ukuthi amandla ayephumile kuYe na? Ngabe kunjalo na? Lokho amandla ahambile.

257 Inenekazi elihlezi khona emuva lapha, lihlupheka. Uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho! Unenkathazo yenhliziyo, inkathazo yamehlo akho, ukwethuka. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Inenekazi laseGrande Prairie, Nkosazana Thompson, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho futhi uphulukiswe, eGameni likaJesu Kristu. Uzokukholwa na? Kulungile.

258 Angikwazi, uyisihambi kimi. Uma uJesu ezokwembula kimi inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, ngiyaxolisa, inceku yaKhe na? Lelo—lelogama, *umprofethi*, lithi ukubhadazelisa abantu, yingalesosizathu ngithe...Into ethize nje ebengifuna ukuyitshela owesifazane, isizathu sokuba ngibambe isandla sami phezu kombhobho.

259 Singabantu ababili abahlanganile, mhlawumbe njengeNkosi yethu nowesifazane emthonjeni, mhlawumbe wayeyintombi. Kodwa uhlushwa yinkathazo ngomphimbo wakho. Kunjalo. Kwabangelwa uvendle. Kunjalo. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ungubani, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Nkk. Duncan, hamba uye ekhaya futhi uphile eGameni likaJesu Kristu.

Ungangabazi.

260 Ohlezi ngapha ngakuloluhlangothi khona lapho, ukhulekela umkakho ongasindisiwe, mnumzane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomsindisa futhi . . .? Kulungile, ungaba nakho okucelile, uNkulunkulu uyawuphendula umkhuleko wakho.

261 Bekungubani lelonenekazi elisanda kwedlula, lehla ngesikhala sezihlalo na? Ukhulekelwe na? Usanda kukhulekelwa na? O. Ngibone ukuKhanya e—ekhoneni. O, ngiyabona yindoda enenkathazo yeqolo ihlezi lapho. Mnu. Pettigrew, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uJesu Kristu uzokuphilisa. Othandiweyo wakho unesifo samathambo, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho futhi bazophila.

262 Uma ungakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, zonke izinto ziyenzeka. Bangaki kini abakholwayo manje ngayo yonke inhliziyo yenu na? Ngiphelelwa amandla kakhulu, Kuyangidiyazelisa nje, ngapha nangapha. Bangaki one . . .?

Kuthululiwe laphaya, omunye umuntu onamakhadi omkhuleko ngale kulelocala, angene emgqeni, ngale ngakulelocala.

Bangaki abefundisi lapha okholwa ukuthi lenkonzo yiNkosi uJesu Kristu, phakamisani izandla zenu. Abefundisi.

263 Ngifuna, ngingashiyi lezizethameli kuloluhlobo lwesimo, ake nonke nicabange ukuthi yimi kuphela onelungelo lokukhulekela abagulayo, umelusi wakho unelungelo lokukukhulekela kakhulu nje njengoba nginjalo. Manje, angahle angabi ngumboni, bafika oyedwa kuphela esizukulwaneni. Kodwa ngi—ngi . . .

264 Niyakhumbula, uNkulunkulu akazange nakanye . . . Ngakho lokho kuzocacisa into ethize ekhathaza imiqondo yenu engivele ngiyibona. EBhayibhelini kwakungakaze kube khona kodwa kanye . . . umboni oyedwa ngesikhathi, U-Eliya, bese kuba ngu-Elisha, bese kuba ngu-Isaya, bese kuba nguJeremiya. Niyabo? Kunjalo. Niyabo? Kodwa . . . Nje . . .

Bonke abantu onekhadi lomkhuleko u-C sukumani ngapha, ngapha, ngiyacela, amakhadi omkhuleko o-C.

265 Ngifuna ukwazi abefundisi lapha abazoza lapha futhi ame phansi lapha nami futhi asize sikhulekele abagulayo umzuzu nje. Ngingabathola abanye benu bazalwane na? Ukuze izethameli zenu lapha zizobona ukuthi ningamadodana kaNkulunkulu. Ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi ningamadodana kaNkulunkulu.

Ndoda, ubufanele ube yikholwa ngalesisikhathi esibucayi nje. Ungakhathazeki ngomntwana, uzophila.

266 Manje, angazi noma besinga . . . Yehlelani khona lapha phansi, bazalwane. Asihambe, sehle sisuke emsamo. Yimani nje, nenze umugqa oyidabuli lapho, ngqo phansi naphezulu kanjalo. Yebo, bafowethu, yebo.

267 Woza khona lapha, Dadewethu. Hamba khona lapha emgqeni, umzuzu nje. Awusho, kambe, usuvele uphulukisiwe, ngakho awudingi ukuba uze ngomugqa, ungavele uye ekhaya.

268 Manje, wozani ngapha, ukuze babuyele emuva behle ngalomugqa. Manje, ngifuna abanye benu bazalwane ukuba nize khona lapha, nime khona phansi lapha. Ngifuna nime khona lapha, ngifuna, nime nami. Ngifuna nina bazalwane, manje, ukuba nime lapho, umzuzwana nje, lindani, nehle ukuze nibeke izandla phezu kwabagulayo. Kuthiwani-ke, Mfowethu, yima ngakulomfowethu khona lapha, omunye wenu. Lokho kuhle.

Manje, wozani khona lapha, nenze umugqa ukuze ngamunye wenu akhulekelwe . . .

Manje, zethameli, ngifuna niqonde, iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

269 Kukhona inenekazi elincane lapha ebenginengxoxiswano nalo kulokhu ukusa, futhi beliseGrande Prairie. Mina . . . Lingumthengi wamateyipu kaMfowethu Leo Mercier, uMfowethu Gene Goad, futhi bangitshele ukuba ngilibheke, uDadewethu Brown.

270 Futhi ngakho li—belisemhlanganweni waseGrande Prairie. NoMoya oNgcwele walitshela ngowesifazane ene (Ngiyacabanga, bekungubani igama lakhe na? Ngabe lowo uBrown, noma, uNkosazana Dadewethu Brown), ubene—nembali esigqokweni sakhe, futhi wamtshela ngezimo zakhe, futhi kusobala, angikaze ngimbone empilweni yami. Ngase ngithi-ke, "Yilowo nalowo beka izandla zakho phezu komunye nomunye." Inenekazi lingahle libe lapha kulentambama. Ngathi, "Yilowo nalowo beka izandla zakho phezu komunye nomunye."

271 Futhi wonke umuntu babeka izandla zabo phezu komunye nomunye, ngoba iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo bayakusinda." Kwase kuthi-ke mina . . . Ngenkathi benza lokho . . .

272 Engikwenzela khona lokho, bazalwane, kungokwakho zethameli. Ungalindi kuze kufike u-Oral Roberts, noma omunye umuntu afike, noma omunye umfundisi onenkonzo yalokho, abazalwane benu, abelusi benu kahle . . . Niyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Ngiyanitshela eGameni leNkosi, lamadoda anegunya elifanayo ukunikhulekela njengoba kwenza noma ubani, bayizinceku zikaNkulunkulu. Noma yimuphi umfundisi okholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, noma ngabe uyiMethodisti, iBaptisti, iLuthela, iCongregationist noma yini enye, uma ekholelwa kuNkulunkulu, unelungelo lokukhulekela abagulayo.

273 Futhi manje, bukani, inenekazi elincane, libeke izandla zalo phezu komunye umuntu, futhi khona manjalo lezwa isandla sibekwe kwesakhe, ebesisikhulu. Futhi laqalaza, kwakungekho

muntu ngakulo. Amanenekazi emva kwalo, lalazi, futhi abengabekanga izandla zawo kulo, futhi lizwe lesosandla, futhi lithe nje liqhaqhazile ngamandla kaNkulunkulu.

274 Khona-ke kulokhu ukusa, etafuleni lesidlo sasekuseni, benginedina nalo ngale e, noma, ukudla kwasekuseni eHhotela iWindsor, noMoya oNgcwele uthe, "Lifuna ubeke izandla phezu kwalo." Ngase ngithi, "Ngizokwenzenjani, Baba na? Siyoba yini isibonakaliso saKho na?" Ohlezi phakathi kwethu, wayengaphesheya kwetafula, kwakukhona zonke izinhlobo zezitsha. Wathi, "Lizothatha isandla salo bese lihlehlisa lezozitsha, lenzela wena masinyane ukuba ubeke isandla sakho ngale kwesalo.

Futhi kwathi nje ngaleyonkathi, lelula isandla ezansi laselifuqa izitsha emuva, lingazi. Ngathi, "Dadewethu, ukwenzeleni lokho na?"

Lathi, "Kukhona okungitshele nje ukuba ngikwenze." Lokho kwalixazululela khona.

275 Dadewethu, ngabe usesakhiweni manje na? Ukhona kulentambama na? Dadewethu Brown na? UDadewethu Brown na? Emi khona *lapha*. Kunjalo lona. Niyabo? UnguNkulunkulu, Akasuye na?

276 Manje, ngifuna wonke umuntu ophakathi lapha, abukeke emi kulomugqa, futhi kuthi nje lapho lowomugqa uqeda ukuphuma, makuthi amanye amakhadi omkhuleko alokhu eza ngapha. Manje-ke. . . [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Hhe?) Onke amakhadi omkhuleko ayaqhubeka nje ukuba ashaye umugqa ngapha. Bese kuthi-ke, emva kokuba sebeqedile, wonke lowo ongenawo amakhadi omkhuleko futhi ofuna ukukhulekelwa, ungashaya umugqa ngqo emva kwabo.

Manje, ngaphambi kokuba sikwenze, sonke asikhothamise amakhanda ethu kuNkulunkulu uSomandla.

277 Ukuba-ke lona bekungumama wakho emi emgqeni na? Ukuba-ke lona bekungumkakho na? Ukuba-ke bekungudadewenu na? Ukuba-ke bekungumama wakho, noma indodakazi yakho, noma indodana yakho na? Khumbulani, ngeyomunye umuntu. Ubungathanda ukuba wonke umuntu abe qotho uma lowo bekungumama wakho, noma umkakho, umama wengane yakho encane, efa, ekhwelwe umdlavuza na? Ubungefune umuntu othile akhuleke ngobuqotho na? Manje, khulekani.

278 Baba waseZulwini, ngiyethula, kulentambama, okokuqala nje ngesiphiwo sobuNkulunkulu, uJesu ovukileyo, ukufakazisa ukuthi Uphakathi kwabantu baKhe, ukuzikhombisa Yena uqobo ephila. Futhi manje, okulandelayo, okwesibili, ngethula izinceku zaKho, abefundisi, amadoda Owabizile. Abanye babo

kade beshumayela eminingi, iminyaka eminingi emide kunami, bafaneleke kangcono kakhulu, njengabefundisi, kunami.

279 Futhi ngifuna ibandla lazi ukuthi umelusi walo uyinceku yaKho, ngakho-ke ngi, ngesiphiwo sobuNkulunkulu, ngiKwethule kubo, manje ngethula izinceku zaKho kubo. Futhi ngimunye nazo, Baba, inceku yaKho. Futhi sithatha iZwi leNkosi yethu.

280 Manje, Nkosi Jesu, Wena uyalazi lonke iqiniso, futhi Awusoze wahlonipha amanga. Futhi kufakazelwe ngamashumi ezinkulungwane zezikhathi emhlabeni jikelele, ngaphandle kokwehluleka okukodwa kwemibono, okufakazisa ukuthi kuyiqiniso. Ngaphambi kocwaningo lwesayense, ngaphambi kwemishini yokuhlola amanga, ebukhoneni bekhamera nokunye, Ufakazile ukuthi unguNkulunkulu.

281 Futhi manje, Wena unguNkulunkulu kulentambama. Futhi Wenza lesisitatimende, into yokugcina Owayisho ngenkathi Usumuka: "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubaphelekezela abakholwayo," nalaba bangamakholwa, Nkosi, Wena wathi, "ngeGama laMi bayakukhipha amademoni; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha; uma bephatha i—inyoka, noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza; futhi uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

282 Manje, Baba, Wazifakazela Wena uqobo ukuba uyaphila ukugcina iZwi laKho, Uqaphe iZwi laKho ukuLiqinisekisa. Futhi manje ngethula kulomphakathi, nasezifundeni ezizungezile, uJesu Kristu nezinceku zaKhe. Futhi thina, njengezinceku zaKho, Nkosi, sizolandela iziyalo zakho, kungakhathaleki ukuthi izwe elingakholwayo lithini ngakho. Sizobeka izandla zethu phezu kwabaKho abagulayo, abantwana abahluphekayo, futhi siyakholwa ukuthi bazophiliswa. SiyaKwemukela njengoMphulukisi wethu khona manje.

283 Wonke umuntu emigqeni yomkhuleko, labo abeza emigqeni yomkhuleko, ngiyanicela manje, eGameni likaJesu Kristu, ukuba nemukele uJesu njengoMphulukisi wenu. Ungangabazi. Lapho lamadoda kaNkulunkulu, futhi sibeka izandla zethu phezu kwenu, nina . . . yinye kuphela into engakuvimbela ukuba uphile, lokho ngukungakholwa kwakho. Ungakholwa ngokungesikho, kodwa kholwa uNkulunkulu.

284 Futhi simi lapha manje, sinikhulekela njengoba nedlula kulezizethameli, akusikho lokho kuphela, kodwa abantu abangamakhulu amathathu noma amane ababuthene lapha kulentambama bazobe benikhulekela. Futhi wonke umkhuleko . . . Futhi manje kholwani.

Manje, okomkhuleko wokusola, namakhanda enu ekhotheme:

285 Sathane, thina, njengeBandla likaNkulunkulu, sikhuluma ngqo nawe. Ungudeveli, umhluphi, futhi ubophe izinceku zikaNkulunkulu ngomoya wakho wokukhohlisa. Ngakho thina njengezidalwa ezingabantu asinawo amandla okumelana nawe, ngakho asizi ukuzohlangana nawe egameni lebandla, noma inhlangano, kodwa, behluliwe, kodwa siza ukuzohlangana nawe e—eGameni loMnqobi wethu, uJesu Kristu. Sidumisa iGama laKhe noBukhona baKhe phambi kwabantu, njengoMnqobi wakho konke ukugula nazo zonke izifo, njengoba kubekwe phansi kwezinyawo zaKhe. Futhi thina njengezinceku zaKhe senza umyalo waKhe.

286 Siyakuyala eGameni likaJesu Kristu: Dedela bonke lababantu! Sizolandela ukuthuma kwaKhe ngokubeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda, ngokuba siyakukhuluma, eGameni likaJesu Kristu.

Kholwa kuphela, kholwa kuphela . . .

287 Kulungile, wonke umuntu uyakhuleka manje, ngenkathi abagulayo bedlula.

